# *UKOMELA UKUPHILA*

Ngiyabonga, kakhulu. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.]

2 Ngiyabonga bangane. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kuyinhlanhla ukubuya futhi kulobubusuku ethendeni uku—ukukhuluma eGameni leNkosi yethu futhi kulobubusuku. Futhi manje, ngaphambi kokuba sivule iZwi laKhe, asibe nezwi nje kuYe kuqala, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

3 Nkosi Nkulunkulu, ngempela kuyinhlanhla esinayo yokuza kuWe, siyalwe ukuba senze kanjalo ngeNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu. Futhi siqinisekile ukuthi Uzosizwa, njengoba siza eGameni laKhe, ngokuba Ukucacisile, ukuthi uma sicela uBaba noma yini eGameni laKhe, siyakunikwa khona.

4 Futhi Nkulunkulu, silapha hhayi ngenye inhloso kulobubusuku, kodwa enkazimulweni nodumo lwaKho, noMbuso waKho, nangenxa yo—yokuqhubekisela phambili koMbuso waKho, ukuthi sonke siyobamba ukuthi shazi okusha kulobubusuku koMsindisi obusisiweyo, ukuze Angene phakathi kwethu futhi asuse bonke ububi bethu, futhi asuse izinsizi ezinhliziyweni zethu, asuse ukugula emizimbeni yethu futhi asinike injabulo, nempilo enhle, nokuqina, futhi aqinise umuntu wethu ongaphakathi, ngokuba sibheke ukubonakala kwaKhe masinya nokubonakalayo ukuthatha iBandla laKhe elibizwa ngoMlobokazi waKhe.

5 Siphe, Nkosi, ukuthi sonke isono nesono sokuphambuka noma ukweqa, noma kungaba yini, kuzosuswa kithi kulobubusuku, ukuthi lokhu kuzoba ngukuqala kwemvuselelo enkulu engapheli kuze kubuye uJesu. Siphe khona, Baba.

6 Manje, njengoba siphenya amakhasi, akukho-muntu ongahumusha iZwi ngaphandle kwaKho, futhi sizocela ukuthi uMlobi waleNcwadi uzosihumushela umlayezo kulobubusuku. Ahlwanyele iMbewu phansi ekujuleni enhliziyweni, athole inkazimulo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

7 Bengingena nje nonkosikazi nomndeni, phandle lapho emizuzwaneni embalwa edlule, ngemukele umlayezo omncane lapha, obhaliwe, futhi uvela ku-Ed Vibbert. Ubefuna ukwazi ukuthi ngangingahlobene yini nabakwaBranham eBurkesville, eKentucky. Ed, ungumzala wami. UMfowethu Vibbert, e-Indianapolis, umfowenu, nalowo ose-Evansville, e-Indiana, ebandleni elikhulu le-Assembly of God lapho, ngukuthi, singabazala bethu begazi. Noma ngabe ukuphi, ngithanda ukuhlangana nawe futhi ngikuxhawule emva kwenkonzo, ngesinye isikhathi. INkosi ikubusise.

8 Manje-ke, ngifuna futhi ukumemezela ukuthi kulobubusuku, etafuleni lezincwadi, noma ngabe kukuphi lapha, kuzoba khona amateyipu emihlangano namarekhode. UMnu. Mercier noMnu. Goad, engibambisana nabo, othatha amarekhode, noma, othatha imilayezo bese eyifaka eteyipini, futhi kuqhubeke kusukela eteyipini kuya kwirekhodi, futhi irekhodi neteyipu kokubili kusendaweni yezincwadi manje, kungathengwa cishe ngokukodwa kokuthathu inani obuyolikhokhela irekhodi esitolo sezinto zikasheleni, uma une. . .Futhi uma ungenayo i-adaptha, banayo leyo.

9 Asikho lapha ukuzothengisa, leyo akusiyo inhloso yethu. Noma ubani ongaziyo uyakwazi lokho. Angikaze ngibe necala lokuke ngithengise ngoJesu Kristu, futhi a—angikholelwa kulokho. Futhi mina, into kuphela engifuna ukukwenzela yona lokhu yingoba ngicabanga ukuthi kuyosiza omunye umuntu. Nabafana, ngenkathi bethatha amateyipu futhi bebethengisa amateyipu, ngathumela komunye umvangeli ngase ngithola iteyipu, futhi ngicabanga ukuthi kwakucishe kuphindwe kathathu inani lababafana abawathengisa ngalo, ngoba bathenga izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zawo ngamaqembu, futhi banawo. Lokho nje kungokokuqhubekisela phambili iVangeli. Lokho yi. . .

10 Khona-ke izincwadi esinazo, kusobala, asinazo lapha, ngoba zishicilelwa lapha. UMfowethu Gordon Lindsay, umfowethu esibambisana naye lapha, wabhala incwadi ethi, *UMuntu Othunywe Evela KuNkulunkulu*, futhi iyashicilelwa, noMfowethu Lindsay uyishicilela lapha, futhi ngizithenga kuMfowethu Lindsay lapho ngizikhipha emihlanganweni, ngesephulelo se, ngiyakholwa, cishe ngamaphesenti angamashumi amane ngaphansi kunalokho yena. . .lokho engi. . .izindleko zasekuqaleni zazo. Bese-ke ngizikhipha, bese ngiqasha umuntu othize ukuba azithengise, kanjalonjalo. Futhi noma ubani owake wathengisa izincwadi, uyazi ukuthi kul'khuni ukuthi uzithengise noma ngayiphi indlela kuzo, ngoba uma noma ubani edlula futhi engenayo imali, efuna incwadi, bayoyithola, noma kanjani, niyabo, isithombe kumbe noma yini, akwenzi nomnci umehluko.

11 Futhi sifanele sishicilele lesisithombe esathathwa seNgelosi yeNkosi ngaphansi kwelungelo lobunikazi. Futhi uMfowethu Lindsay nabo bonke bazi konke ngalokho, okufanele sithole imvume ye*ziningi kangaka*, futhi nje ziphume ngenani esizithola ngalo. Ngakho niyabo. . .

12 Futhi asinxusi, noma okunye nokunye, kodwa ngisanda kwenza lokhu ukubalula, noma ngabe uma ubuzifuna, bekuyoba kuhle ukuzithatha e—ekupheleni kwenkonzo e—esitendeni noma esitendeni sezincwadi, noma ngabe kukuphi.

13 Futhi manje, impela siyakujabulela ukuhlala kwethu

lapha, futhi nje sithola umqondo ofudumele kakhulu, noma ukwemukelwa, phansi lapha, njalo.

14 Ngiye ngale esitolo esincane namhlanje, futhi he, ngathi, “Nenekazi, ngabe kushisa kakhulu lapha eTexas.”

Lathi, “Ufanele ube lapha ngo-Agasti.”

Ngathi, “Lokhu kuthi ukungicinanisa.”

15 Ngakho, niyazi, ngazalelwa eKentucky, futhi ingxenye nje phakathi kwenyakatho neningizimu. Kodwa, niyazi, ngokuthi nonke niyisigejane sabaseningizimu, kulobubusuku, ngingowaseningizimu ngokuzalelwa eKentucky.

16 Nje ngiphuma ezifundazweni zaseNew England, futhi ngabatshela bonke enhla lapho sanqoba impi. Nonke niyakwazi lokho, anikwazi na? Impela, sanqoba. Ukuthi sakwenza kanjani, saphila sabedlula bonke abanye. Nje kwaku . . . Kukhona oyedwa owaseningizimu osele futhi akekho owasenyakatho. Futhi ngenkathi umfana wokugcina oshaya isigubhu wasenyakatho efa, niqaphelile ephepheni, ngaphambi nje kokufa kwakhe, owaseningizimu wamthumelela umlayezo futhi wathi, “UNkulunkulu akubusise, Yankee. Ngithemba ukukubona futhi masinyane.”

17 Kungani babengakucabanganga lokho ekuqaleni na? Kunjalo. Kwakuyobe sekuphelile konke ngaleyonkathi. Kunjalo. Awu, sizoba nabo kuze kufike uJesu, futhi khona-ke ngeke sisaba nazo izinkathazo nezimpi. Ngeke yini kube yisikhathi esimangalisayo leso na? SiyaMthanda, nangazo zonke izinhliziyo zethu.

18 Futhi manje, bengikhuluma kulokhu ukusa esitolo othenga udlele kuso esincane, kade ngivakasha ngapho, futhi ngahlangana nendoda ekhuphukile futhi yangixhawula, yathi, “Ungahle ungangazi, Mfowethu Branham,” kodwa yathi, “Ngi . . . ukhulekele intombazane yami encane ebikade ine,” ngikholwa ukuthi ithe, “amalumbo esithuthwane,” yathi, “kusukela ngalo kanye lelohora, ayikaze ibe nelinye.”

19 Yayisithi-ke, “Nganginakho,” omunye komakhelwane bakhe, ngenkathi bekuzwa, amavalvu amabili enhliziyweni yakhe ayevalekile, futhi Wabiza, ngase ngimthumelela ezansi iduku elincane. Wathi indoda yayivukile, ihamba, isindile futhi.

20 Indoda ilapha emhlanganweni kulobubusuku, ingumfundisi, ngi—nginekhadi layo ephaketheni lami, kodwa ingahle ingafuni ngisho ukuba ngi . . . Uma ufuna, mfowethu, ungasiphakamisa isandla sakho, noma ubani engikhulume naye e . . . Emuva le ngemuva, nango usemuva lapho ngemuva.

21 Ngakho-ke, ukuhambahamba nokuzwa izimfakazo, nokunye nokunye, bekukuhle. Futhi namhlanje, ngikhombise inhlonipho ukuba ngehle ngiyobona isikole umfana wami ayekuso, eWaxahachie, ezansi lapha, ngibone isikole sabo

esihle. Kuyangijabulisa ukwazi ukuthi abantu beVangeli eligcwele banesikole abangakhulisa abantwana ngendlela yeNkosi. Ngibonga kakhulu ngeWaxahachie, ngikholwa ukuthi ibizwa ngeSouthwestern, iBible School.

22 Bese kuthi-ke kumngane wami olungileyo uJack Coe, ngedlula ngase ngibona indawo yakhe. Into ethize nje, angiqondakali kahle hle, empeleni, nento ethize, ngenkathi ngibona igama likaJack, futhi, ekhaya lezintandane phandle lapho, nalesosigejane sabantwanyana phandle lapho bedlala ngasethendeni elincane, ngacabanga, "Nkulunkulu, phumuza umphefumulo wakhe oyiqhawe."

23 Futhi ngakhuluma nomlamu wakhe esikhashaneni esedlule, bengisesitolo esincane segrosa ukuthengela abantwanyana okuthile, futhi ngahlangana nomlamu wakhe, no—nomfundisi osiza laphaya, udade oqhubeka nebandla. Futhi waba nomusa ukungimemela ebandleni lakhe nokuba nomhlangano wakhe ngesinye isikhathi. Futhi ngathi, "Uma iNkosi ivuma, ngingathanda ukwenza lokho ngaphansi kwento eyodwa, ukuthi uyongenzela isivumelwano ngaphambi kokuza: yonke into iyoya kulelokhaya elincane lezintandane ezansi lapho. Ngibona labobantwanyana abancane bedlala ezansi lapho bengenababa, bengenamama, futhi i. . .hhayi i. . .nomholi oye eNkazimulweni, obone lowombono omkhulu. UNkulunkulu aphumuze umphefumulo kaMfowethu Jack, umphefumulo omkhulu ngempela.

24 Ngiyakhumbula ngiqala ukumbona, angizange ngikukhohlwe, wayengumfo omncane onelukuluku lokufuna ukwazi kakhulu, ezacile ngempela, futhi wenyukela kimi, wayesethi, "Ngitshele ukuthi yini engalungile ngalona wesifazane emotweni futhi ngizokukholwa."

Ngathi, "Mnumzane, angi. . .ngeke ngakwenza lokho," ngathi, "lokho kuthatha uNkulunkulu ukwenza lokho."

Wathi, "Awu, ngi—nginelukuluku lokwazi, ngifuna ukwazi."

Futhi ngathi, "Ngizakuya ngale futhi ngibuze." Futhi ngenkathi ngifika laphaya, uMoya oNgcwele wamtshela ukuthi wayengubani nakho konke ngaye.

Wathi, "Lokho kuyakuxazulula kimi."

Ngase ngithi, "Ungomncane nje, umshumayeli onelukuluku lokwazi, futhi ngoluny'usuku, uyobe wenza lento efanayo impela, ukhulekela abagulayo."

25 Ngesikhathi esilandelayo ngimbona kwakuseChicago, cishe eminyakeni eyishumi kamuva, wayesekhulile impela. Ngathi, "Mfowethu Jack, kwenzekeni na?"

Wathi, "Iziteki zenyama yesinqe ezimbili emva komhlangano ngamunye kanye nobisi olubili noma oluthathu oluvutshelwe."

26 Ngathi, "Impela abazikhiphanga izilinganiso zamandla okufundumeza umzimba," ngasho.

27 Umfo okahle nje, noNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe ngumkhuleko wami. Ukuba lapha kulezizinkundla eziseduze kwalapho uJack Coe ake akhonzisa khona!

28 Manje, ngolunye usuku ngiyobe sengihambile, nami, ngolunye usuku sonke siyobe sesihambile.

> Ukwehlukana, kushiya emva kwethu
> Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi.

29 Kwangathi uNkulunkulu angawuvumela njalo umsebenzi wakhe uqhubeke. Kwangathi singahamba ngokwethembeka embangeleni afa ngayo, ngumkhuleko wami.

30 Ngifisa ukufunda nje okunye manje eBhayibhelini. Ngiyakuthanda nje ukufundwa kweZwi. Niyazi, uMoya oNgcwele uzondla ngeZwi. UJesu wathi, "Kulotshiwe ukuthi, akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

31 Futhi uma nje nikuthatha usuku ngalunye, hhayi njengomkhuba nje, kodwa nje uku, o, bengiyothi, ukukwenza nje ukuthi inhliziyo yakho iyakulangazelela, ukuba nje uhlale phansi usuku ngalunye futhi ufunde *okuningi kakhulu* eBhayibhelini, ubuyomangala ukuthi kuzokwenzani ekukhuleni kwakho kokomoya, impela kuzokwenza. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.

32 Ngakho-ke asiphenye kulobubusuku, engikukhethele indaba noma ukufunda, ukufundwa komBhalo, emaHubweni, iHubo lama 63. Futhi ngifisa ukufunda nje ingxenye yalo lapha, elo 1, nele 2, mhlampe, ivesi lesi 3.

> *O Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami; ngiyakufuna ekuseni: umphefumulo wami womele wena, inyama yami iyakulangazelela ezweni elomileyo egagadekileyo, lapho amanzi engekho khona;*
>
> *Ukuba ngibone amandla akho nenkazimulo yakho, . . . njengoba ngi*kubo*nile endlini* yaKho *engcwele.*
>
> *Ngokuba umusa wakho ungcono kunokuphila, izindebe zami ziyakukudumisa.*

33 Wake wawafunda amazwi anjalo na? "Umphefumulo wami ulangazelela Wena ezweni elomileyo, lapho amanzi engekho khona." Lena yindikimba engajwayelekile, kodwa uNkulunkulu akajwayelekile, uNkulunkulu wenza izinto ezingejwayelekile, futhi Usebenza ngezindlela ezingaqondakali, ukwenza izimanga zaKhe.

34 Futhi siphila osukwini olungejwayelekile nesikhathi esingejwayelekile, kodwa sikhonza uNkulunkulu obekuzo zonke izikhathi. Futhi ngenkathi ngicabanga ngalokhu, niyazi, "umphefumulo wami womele Wena," wona, umphefumulo wakho yilokho okukuqondisayo, yilokho okukwenza ube yilokho oyikho. Ukuphenduka ku. . .umphefumulo uyimvelo yomoya, futhi lapho umuntu ephendukile, akawutholi omunye umoya, uthola ukuguqulwa umoya. Ukuphenduka kusho ukushintsha ukucabanga kwakhe, ashintshe indlela yakhe yokuphila, kanjalonjalo, ngakho, "umphefumulo wami womele Wena."

35 Futhi ngacabanga, "Ngenxa yomusa waKho ungcono kunokuphila," yini enkulu kunokuphila na? Ngitsheleni nje into eyodwa, kulobubusuku: Yini enkulu kunokuphila na? Akukho okukhulu kunokuphila.

36 Futhi lunye kuphela uhlobo lokuPhila okuPhakade, nalokho kuPhila kuvela kuNkulunkulu. Noma yini eyayinesiqalo inesiphelo, yilezozinto ezingenasiqalo, ezingenasiphelo. Futhi ekuqaleni, uNkulunkulu, ukuPhila okuPhakade, bese kuthike kuphume ekuPhileni okuPhakade, okungukuthi ngesiGreki kubizwa nge*Zoe*, noma "ukuPhila kukaNkulunkulu," uthando i-Agapao, nothando ifiliyo, kanjalonjalo. Njengoba siqathakela phansi njengokuvela kuthando i-Agapao luthando oluluthando lukaNkulunkulu, uthando ifiliyo wuthando onalo ngomkakho, noma umngane wakho.

37 Manje, izikhathi eziningi ibandla lithola lokho kuxovekile, futhi bazama ukusebenzisa uthando ifiliyo, okusho "ubungani," ukuba lufane nothando lwe-Agapao. Kodwa nanku umehluko: Uma uthanda umkakho njengoba ufanele, futhi enye indoda ithuke umkakho, ubuyoyibulala, ngoba ubuyoba nomona ngaye, yilokho uthando ifiliyo obeluyoholela kukho; kodwa uthando lwe-Agapao luyokwenza ukhulekele umphefumulo wayo olahlekile, yilowo umehluko, niyabo, ngumehluko. UNkulunkulu. . .

38 Yonke into ekhona manje, yinto ebilungile; nakho konke ukungalungi kungukulunga kuphendukezelwe. Akukho lutho lokho okungakaze kube khona. Isibonelo nje, sonke isono singukulunga kwenziwe isono.

39 Manje, nibezwile abantu bethi udeveli angaphulukisa, yinye kuphela into engalungile ngaleyonkulumo-mbiko: Indoda eyenza leyonkulumo-mbiko ayilazi iBhayibheli layo kwasekuqaleni, kanjalo ayimazi uNkulunkulu OwaLilobayo. Udeveli akanamandla okuphulukisa, futhi angeke aphulukise, futhi akazange aphulukise, futhi akasoze aphulukisa.

40 Nginekolishi lamaLuthela eMinneapolis, eMinnesota kulobubusuku nezibonakaliso nezimanga phakathi kwabantu bakubo, ngoba umfundisi wangibhalela incwadi wayesethi,

"Indoda ekhuluma kubantu, njengabaningi njengoba wenza, futhi uthi udeveli akakwazi ukuphulukisa!"

41 Futhi wazama ukwesekela phezu komthakathikazi, noma owesifazane, ukuthi abantu uyafika, futhi aphumputhe, futhi uyabatshela ukuthi, awu, uyodoncula izinwele ezincane ekhanda lakhe, futhi azihlikihle egazini elithile eliphuma emithanjeni yabo, bese ehla, akuphose emfuleni, bese eqala ukuhamba ebuyela emuva, uma ephoqelekile ukuba aqalaze, isifo siyabuya, kodwa uma eqhubeka, khona-ke abantu bayasinda. Wathi, "Sibhekisisile, futhi amashumi amabili noma amaphesente angamashumi amathathu alabobantu bayaphulukiswa, bese-ke uthi udeveli akakwazi ukuphulukisa."

42 Ngathi, "Into exakile ukuthi, kuwe, Dkt. Hegre, yilokhu: Ngiyamangala ukuthi wena, uyinhloko yeLuthela ubuyosekela imfundiso yakho phezu kwesipiliyoni, esikhundleni seZwi likaNkulunkulu." Kunjalo. "UJesu wathi, 'USathane akakwazi ukukhipha uSathane.' Lokho kuyakuxazulula."

43 Ngathi, "Kusobala, inqwaba yabantu besho ukuthi abaphulukisi ngokukaNkulunkulu bedabula ezweni. Ayikho into enjalo, angikaze ngiyibone eyodwa empilweni yami futhi angisoze ngiyibone, uNkulunkulu unguMphulukisi."

44 Kodwa abantu ngesinye isikhathi besondela kubantu owenza izinkulumo ezinjalo, bayaphulukiswa. Lelo yiqiniso. Ngizibonile izinyanga bathakathi—bathakathi ziphulukisa abantu, kodwa kuyini na? Ngibabonile beya ezithixweni, lapho eLa Salle, eLorraine, eFransi, benyukela esithixweni sowesifazane ofile futhi bathole ukuphulukiswa, kodwa lokho akungenxa yokuthi owesifazane ofile ukwenzile, ngabantu becabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu ngowesifazane.

45 Njengoba kunjalo kubaphulukisi ngokukaNkulunkulu, njengoba kunjalo futhi nango—nomthakathikazi, babecabanga ukuthi babesondela kuNkulunkulu ngomthakathikazi, noNkulunkulu ufanele ahloniphe ukukholwa, kungakhathaleki ukuthi kukuphi. Kunjalo. Ngakho akukho-kuphulukiswa . . .

46 Yini ukuphulukisa na? Ukuphulukisa kungukukhula kwamangqamuzana, ukuphindaphindeka kwamangqamuzana, kwenza amangqamuzana, kulungisa. Ungahle wephuke ingalo yakho, udokotela akakwazi ukuphulukisa ingalo yakho, angayihlela, uNkulunkulu uzofanele ayiphulukise, kodwa Nguye kuphela uMdali okhona. USathane akakwazi ukudala, uphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile.

47 Nginezethameli ezixubile, kusobala, futhi ngingumfowenu, futhi lalelani udokotela wenu. Kinina madoda aganiwe, unomkakho, uhlala nomkakho, isenzo sokuba ngumfazi nendoda sisemthethweni nje ngakho konke; kodwa isenzo esifanayo nomunye wesifazane, awusekho. Kuyini na? Ukulunga

kuphendukezelwe. Kunjalo. Sonke isono singukulunga kuphendukezelwe.

48 Manje, angisuye uthisha weBhayibheli, ngakho ngizosuka kulokho ngiye esifundweni sami. Ukuphila, kuyini ukuphila na? Awu, ukuphila yilokho okukulawulayo, ukuphila yilokho okukwenza ube yilokho oyikho. Futhi ukuphila okungaphakathi kuwe, kukwenza ube yincwadi ebhaliwe, efundwa ngabantu bonke.

49 Ngakho ngenkathi sisakhuluma ngokuphila, bengicabanga esikhathini esithize esedlule, ezansi le ezifundazweni ezingaseningizimu ngenkathi benobugqila, futhi lapho babeqhuba izigqila njengezilwane, futhi—futhi babezibeka phezulu futhi bazidayise endalini njengoba ubuyokwenza endaweni yezimoto esezike zasetshenziswa, futhi benze . . . Futhi babefika, abathenga bathengisele abanye, futhi babethenga lezizigqila ezithile. Futhi babedlula futhi bathenge enye enkulu, esindayo, indoda eyikhaladi futhi bayikhiphe bese beyithengisa komunye umuntu, futhi benze inzuzo ngazo, njengoba nenza nje ezimotweni zenu, kanjalonjalo, namhlanje.

50 Futhi kwakukhona othenga athengisele abanye othize owafika e—epulazini elidala futhi wathi, "Zingaki izigqila onazo kulelipulazi lokutshala na?"

Nomnikazi wathi, "Cishe ikhulu namashumi amahlanu."

"Ngabe sikhona osithengisayo na?"

Wathi, "O, angazi, mhlawumbe besingahweba, noma senze okuthize."

51 Futhi ngenkathi eyozibheka ngale . . . Manje, izigqila zathengiswa eStates lapha ngamaBhunu angabalimi, ayengamaBhunu. Futhi baziletha ngapha zivela e-Afrika futhi bazithengisa, futhi zazikude nobaba, umama, izingane, umyeni, unkosikazi, zazingasophinde zibabone inqobo nje uma isikhathi siqhubeka. Futhi zazidabukile, futhi zazifanele zibhaxabulwe izikhathi eziningi ukwenza umsebenzi. Babephatha iziswebhu futhi bazibhaxabule ngazo ukuze bazenze zisebenze, ngoba zazidabukile futhi zicindezelekile.

52 Futhi baqaphela, lomthengi othize, ukuthi kwakukhona isigqila esisodwa phakathi kwazo ababengadingeki ukuba basibhaxabule, umfo osemncane, phezulu ngqo nakukho, isilevu siphakeme, isifuba siqhunsukile, elungele nje ukwenza noma ngasiphi isikhathi. Futhi umthengi wathi kumnikazi, "Ngingathanda ukuthenga lesosigqila."

"O," wathi, "kodwa asithengisi."

Wathi, "Yini esenza sehluke kakhulu kangaka kuzo zonke ezinye na? Uke uze udingeke usibhaxabule na?"

Wathi, "Nhlobo."

Wathi, "Yini esenza sehluke kangaka na? Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo, siyisigqila nje."

Wathi, "Mhlawumbe usondla kangconywana kunoma wondla zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo. Sidla phandle ekamelweni lokuphakela emkhunjini nazo zonke ezinye."

Wathi, "Awu, yini esenza sehluke kakhulu kangaka kuzo zonke ezinye na?"

53 Nomnikazi wathi, "Mnumzane, ngazibuza lokho mina uqobo isikhathi eside, ngaze ngathola iqiniso. Futhi leli yiqiniso," wathi, "Ngathola, ukuthi ngale ezweni lendabuko siyindodana yenkosi yesizwe. Futhi nakuba singowezizwe, naphakathi kwezihambi, nokho siziphatha njengendodana yenkosi."

54 O, uma kwakungenza iNigro, elalazi ukuthi uyise wayeyinkosi, futhi lalingowezizwe, liziphakamise ukuba liziphathe njengendodana yenkosi, bekufanele kwenzeni kubantwana bakaNkulunkulu, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu na? Sifanele siziphathe njengabantwana bangempela beNkosi, sifanele singesabi lapho sekuza ekwenzeni isinqumo ngeZwi likaNkulunkulu.

55 Uma uNkulunkulu esho njalo, yima kukho, uNkulunkulu wakusho, ngeke kwehluleke. Uma uNkulunkulu asethembisa ukuPhila okuPhakade, sinokuPhila okuPhakade. Angeke esakwazi ukuqamba amanga kunoma Engayeka ukuba nguNkulunkulu.

56 Futhi into eyodwa engiyitholile ngokukhonzisa emabandleni, ngithola izinhlobo ezimbili zabantu, lokho ngabaqavile namaPentecostal. Futhi ngithola abaqavile ngokwendawo bayazi ukuthi bami kuphi, kodwa abanakho ukukholwa; nePhentekoste inenqwaba yokukholwa, kodwa ayazi ukuthi bami kanjani. Kufana nomuntu nje onemali ebhange futhi ongakwazi ukubhala isheke, omunye angabhala isheke futhi akanamali ebhange. Uma ungake uze ubahlanganise ndawonye!

57 Uma abantu bePentecostal beyoke baqonde ukuthi bangobani! Bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Lonke ubandlululo, nobuhlelo, no—nomehluko ubuyobhidlika, futhi bebeyogonana, futhi bexhawulana, nenkazimulo kaNkulunkulu iwa emhlabeni wonke uma kuphela bebeyozibonakalisa futhi baqonde, ukuthi bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

58 Akunandaba uma sisezweni elikhishelwe eceleni, uma siphakathi kwabafokazi, siyizihambi nabafokazi, kodwa sifuna uMuzi ozayo, oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Yini esiyikhathalelayo ngalelizwe khona-ke, nangakho konke

okumangalisayo kwalo nayo yonke inkazimulo yalo na? Konke nokuncinyane kwakho kuzobhubha ngolunye usuku. Lesisizwe sisonqenqemeni lokungena emlotheni noma ngamuphi umzuzu khona manje, futhi bekungenzeka ngaphambi kokusa.

59 Ngike ngama lapho oFaro bama khona, futhi ngifanele ngimbe amafidi angamashumi amabili ukuthola isihlalo sabo sobukhosi; nalapho ababusi baseRoma beme khona, futhi ubuyomba le ngaphansi komhlabathi ukuthola ukuthi imibuso yabo yayikuphi. Kodwa, mfowethu, semukela uMbuso ngaphakathi kithi, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ukuthi kuyo yonke iminyaka yaPhakade uyohlala.

60 Asinalutho esingadabuka ngalo, sonke sifanele sijabule ngakho. Akumangalisi abantu beba nomsindo, kwenele ukubenza babe nomsindo. Ngithi ukuthanda umsindo omncane, uwuphawu lokuphila. Uyazi noma yini, ngingakufakazisa lokho, ngokwesayense, uma kungenawo umsindo omncane ngakho, kufile. Ngakho uma inkolo yakho ingabi nomsindo kancane, kungcono uyingcwabe, bese uthola eyodwa enokuthile.

61 Ngenkathi u-Aroni, umpristi omkhulu, wayegcotshelwe ukungena endaweni eNgcwelengcwele, wayenensimbi ekhencezayo nepomegranati—insimbi ekhencezayo nepomegranati emaphethelweni ezingubo zakhe, futhi lokho kwakungokwenhloso, ukuthi ngenkathi engena kulendawo engcwele, uma kwakungekho-msindo, wayezobulawa, kodwa inqobo nje uma kwakunomsindo, kwakusekhona ukuphila.

62 Ngakho inqobo nje uma usengabona abantu abanoNkulunkulu owenele enhliziyweni yabo ukuba bathi, "Amen," ebukhoneni bobasi wabo, noma umakhelwane wabo, kumbe noma kungaba ngubani, kukhombisa ukuthi uNkulunkulu usaphila. Ukuphila, yini engcono kunokuphila na?

63 Manje, ngenkathi ngicabanga ngalezizinto njengoba loMhubi othandekayo wayekhuluma ngakho, uDavide, ngangikuthanda njalo okwakhe. . . ukufunda emva kwakhe, ngoba sasinezinto ezimbalwa ezifanayo, imibono ukuthi sithanda iNkosi ndawonye, futhi sithanda futhi impilo yangaphandle. UDavide, enama—namadlelo anomthunzi, noma, amadlelo aluhlaza namanzi amile, eyedwa noNkulunkulu.

64 Bengikhuluma nendoda, umfundisi namhlanje ngeColorado. Kukangaki ngiye ohambweni oluncane, ngifisa sengathi bengingakwazi emva kwalokhu, phezulu ezintabeni nje ukuba ngibe ngedwa, ngibhekisisa uNkulunkulu isikhashana.

65 Ngolunye usuku, ngiyakhumbula, ngiyazi ngiphumile kancane endabeni yami, kodwa asihambi ngohlelo nje, futhi ngakho, ngangiphezulu lapho ngizingela izinyamazane ama-elki, futhi kwase kuleyithi, neqhwa lalingakafiki nokho, futhi

ngangifanele ngihambe ngiye phezulu ezintabeni. Futhi umfuyi lapho engangivame ukufuya khona, awu, wathatha omunye umzila, ngangizohlangana naye ezinsukwini ezimbili noma ezintathu kamuva.

66 Futhi ngabophela ihhashi lami lokuthwala ngase ngenyukela le entabeni. Futhi kwakungekho qhwa ngaleso sikhathi ukuba liqhube i—inyamazane i-elki ezansi, ngakho ngangihambahamba. E—ekwindla yonyaka, leyithi, nakho kufika i—imvula, bese-ke kuba yiqhwa, khona-ke ilanga lizokhanya, kanjalonjalo. Futhi kufika ukuphophoza okukhulu kwehla, njengoba sikubiza phezulu lapho okwaseNingizimu, okusontekile, ngase ngingena emva kwesihlahla futhi ngangimi lapho.

67 Futhi ngangicabanga njengoba isiphepho sivunguza, "O Nkulunkulu, u-Eliya wahlehlela emuva emgedeni ngelinye ilanga, neziphepho ziyadlula, kodwa akaKuzwanga esiphephweni." Ngakho, ngenkathi ngisacabanga ngalokhu, isiphepho sanqamuka, ne—nelanga laphuma likhanya entshonalanga, okwalo okukhulu, iso elikhazimulayo libuka emifantwini yedwala.

68 Futhi ngaqaphela lapho imvula yayikade ina futhi yenza iqhwa isihlahla esihlala siluhlaza, nakho kufika uthingo lwenkosazana, futhi uthingo lwenkosazana lwenza indingilizi ngaphesheya. Futhi ngangimi ngilubuka, ngathi, "O Nkulunkulu, Umkhulu kangaka! Nango Wena kulolothingo lwenkosazana. Wethembisa lokho ngesithembiso," futhi ngathi, "kuNowa, ukuthi Awusayikubhubhisa izwe ngamanzi.

69 "Kwase kuthi-ke uJohane wabona uJesu ehlezi eSambulweni 1 enothingo lwenkosazana phezu kwaKhe, futhi Wayebukeka njengetshe lejaspi nesardiyu, okwakunguBenjamini noRubeni." Futhi—futhi lapho ngicabanga ngalezozinto, ngathola ukuzwa uMoya kaNkulunkulu uhamba kimi; uyazi ukuthi uthola kanjani ukuzwa.

70 Umama wami uyiNdiya ingxenye, nokuphenduka kwami—kwami akuzange kukukhiphe lokho kimi. Futhi ngezwa impisi endala empunga, iklabalasa phezulu entabeni nomata ephendula ezansi esigodini.

71 UDavide wathi, "Lapho utwa lubizana notwa. . ." Luqala ngempela ukubiza khona-ke. Ngase-ke ngizwa inyamazane endala i-elk ikhala elahleke emhlambini, futhi ngajabula kakhulu, ngibe nokukholwa kakhulu, kuze—kuze ningahle nicabange ukuthi bengihlanya, kodwa ngabeka isibhamu sami phansi ngasencikisa esihlahleni futhi ngazungeza, futhi ngazungeza, futhi ngazungeza isihlahla ngahamba, ngahamba ngamandla ami onke nje, ngimemeza ngephimbo lami lonke. O, ngingedwa noNkulunkulu!

72 Ngiqagele ukuba omunye ubeyongena emahlathini futhi engibonile, bebeyocabanga ukuthi babenothile ophuma esikhungweni sezinhlanya phandle lapho, kodwa ngangingenandaba, ngangikhonza uNkulunkulu, futhi akwenzanga mehluko ukuthi noma ubani wathini, ngangizijabulela nje.

73 Futhi, "O" ngathi, "Nkulunkulu, nakho la Ukhona ekushoneni kwelanga, nakho la Ukhona othingweni lwenkosazana, nakho la Ukhona ekukhaleni kwempisi, nakho la Ukhona ekukhaleni kwenyamazane i-elki. O, Ukuyo yonke indawo!" Lelo yiqiniso.

74 Futhi nje ngaleyonkathi, ingwejeje endadlana yeshoba, uhlobo lwephoyisa lebhantshi eliluhlaza okwesibhakabhaka lasemahlathini, konke nje ukuqophisana, futhi yilokho kuphela okukhona kulo, yagxumela phezulu esiqwini esincane esidala lapho ngakokupheshuliwe, futhi yenza sengathi yayizongidwengula ngibe yizicucu. Ngase ngithi, "Manje, buka mfo osemncane, asikho isidingo sokuba ube nobudlova kangaka, ungeke wabhaxabula-muntu, futhi akukho-muntu okwesabayo, ngakho kungani uqhubeka na? Okokuqala, bengingeke ngikulimaze." Futhi o, wayenginquma nje. Futhi ngacabanga, "Awu, yini ongiyekise ngakho ukukhonza iNkosi na? Ngabe ngikuxhuxhumisile na? Ngikhonza uNkulunkulu ofanayo owakwenzayo."

75 Futhi lapho ngicabanga lapho kancanyana, ngayiqaphela itshekisa ikhanda layo elincane futhi ibuka phansi lapho o—okupheshuliwe okudala kwaku, futhi yayingangibhekile, kwakuyinto ethize phansi ngaphansi lapho eyayibhekisisa.

76 Nemimoya yayiphephule ukhozi olukhulu, sinokhozi olunsundu eColorado, yaluphoqa phansi ngaphansi kwalokhu okupheshuliwe, futhi yayixhuxhuma ngakho konke ngalolokhozi. Nomfo omkhulu wagxumela egatsheni, ebukeka kahle kakhulu. Futhi ngacabanga, "Nkosi Nkulunkulu, nakhu la Ukhona, Usemvelweni yonke indawo, njengoba uDavide aKubona, Usalokhu uhlala emvelweni, Uhlala ukubantu, UnguNkulunkulu ofanayo nje, ngakho kungani Ubungangiyekisa ukukhonza Wena na?" Niyabo, uNkulunkulu wenza konke kube ngokuhle.

77 Wena uthi, "Uthini ngalowomntwana ogulayo na?"

78 Ukwenzela okuhle, uNkulunkulu uthola ubufakazi, inkazimulo, mhlawumbe insindiso yomphefumulo ngokuyiphulukisa. Yonke into isebenzelana kube ngokuhle. Kwase kuthi-ke lapho beqala ukuMkhonza . . .

79 Futhi ngacabanga, "Ngimisweleni na?" Ngaqaphela ukuthi kwakukhona okuthize ngalolokhozi, ukuthi lwalungesabi. Niyazi, uNkulunkulu angeke asebenzise amagwala, uma wesaba, suka nje, noma kanjani. Uma ungafuni ukuthatha iZwi

laKhe ngalokho Akusho, phuma nje empini, yilokho kuphela, Angeke nje akusebenzisa, uyabo.

80 Ngakho, ngaqaphela ukuthi lwalungesabi. Futhi ngathi, “Mfo omkhulu, uyazi ukuthi ngingakudubula na?” Nesibhamu sami esikhulu sasibekwe sincike esihlahleni, futhi lona, lawomehlo amakhulukazi ampunga angibuka, futhi lwalazi ukuthi lwalungaba kuleyomithi yokwenza amapulwange ngaphambi kokuba ngize ngibeke isandla sami kulesosibhamu. Futhi lona—lona, kwakukhona okuthize ngalo ukuthi lwalazi ukuthi lwalukuphi.

81 Ngiyathanda ukubona amaKristu anjalo, elingesiyo intekenteke nje, ukuthi uyiMethodisti namhlanje, neBaptisti kusasa, nenye into ngosuku olulandelayo. Yazi lapho omi khona, yazi ukuthi Ubani uMhlengi wakho, ukuthi ukuphila kwakho kuvelaphi.

82 Futhi ngaqaphela isizathu sokuba lwalenza lokho, lalunokukhulu ukwethemba emaphikweni alo, Lalilokhu lizwa lezozimpaphe ukubona ukuthi zonke zazihamba ngohlelo yini.

83 Ngacabanga, “Yilokho-ke. Yilokho ofuna ngikwazi, Nkosi, ukuthi Wanika lolokhozi amaphiko amabili, futhi luyazi ukuthi lungenzani ngalawomaphiko amabili. Futhi liyalazi ibanga ebengizodingeka ngilihambe ukuya kulesosibhamu, nokugxuma oluzofanele lukwenze, belungasuka emehlweni ami, cishe, ngaphambi kokuba ngithole isibhamu.

84 Futhi ngacabanga, “Uma ukhozi belwazi lapho obelumi khona ngamaphiko amabili, belifanele lenzenjani iBandla ngoMoya oNgcwele ukwazi ukuthi sikusiphi isikhathi. Niyabo? Kodwa into, inqobo nje uma ungezwa ukuthi Ukuzungezile, leyo yinto esemqoka.

85 Lalalela . . . Ngangingalukhathazi, ngangiluncoma, kodwa leyongwejeje encane yeshoba yayenza sengathi yayizolunquma lube yizicucu, lwanela yikho, ngakho lwavele nje lwenza ukugxuma okukhulu futhi cishe ukubhakuza okubili, ngaseke ngibona lokho uNkulunkulu aguqula umbono wami ngakho. Ngambona umfo omkhulu, wayengalokhu nje elokhu ebhakuza, wayazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko akhe, futhi njalo lapho kufika umoya, wayevele nje agibele phezulu kuwo, elokhu eqhubeka ehamba, phezulu, phezulu, phezulu, waze waba yichashaza elincane nje.

86 Futhi ngakhala izinyembezi njengengane, ngathi, “Yilokho-ke, Nkosi. Akusikho ukujoyina iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, akusikho ukuthutheleka ku*le*nkonzo yokuphulukisa naku*leyo*, kungukwazi nje ukuthi uwahlela kanjani amaphiko akho emandleni kaNkulunkulu, futhi lapho uMoya oNgcwele ungena, ugibele ukhuphuke ngaphezu kwaso, ugibele ngaphezu kwaso.

87 Lwakhathala ladinwa ukuzwa lowo "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, *tshweke*!" Futhi yenza kanjalo nendoda kaNkulunkulu ekwaziyo ukuhlela amaphiko ayo ekukholweni kukaNkulunkulu. Futhi khona manjalo, lapho uMoya oNgcwele ungena njengegagasi, suka kulo "*Tshweke*, *tshweke*!" lapha, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ayikho into okuthiwa yinkolo esuka enhliziyweni." Hlela amaphiko akho nje ekukholweni nasemandleni kaNkulunkulu bese ugibela usuke kukho, usuke. Impela. Yemukela ukuPhila, ukuPhila kukaNkulunkulu.

88 Futhi uDavide, eqaphela lezizinto, futhi wathi, "Ezweni elomileyo neligagadekileyo, umphefumulo wami womele Wena, O Nkulunkulu. Ngilangazelela ukubona amandla aKho njengoba ngiwabonile endaweni yaKho engcwele, ngoba umusa waKho onothando ungcono kunokuphila."

89 Ngenkathi ngicabanga, "Ungcono kunokuphila na? Yini engaba ngcono kunokuphila na?" Ngakho ukuphila kunezincazelo ezimbili: Enye yakho abantu abakubiza ngoku*phila* namhlanje, akusikho ukuphila, kodwa kungukufa. Abantu abaningi bacabanga ukuthi isono, ukuphuza, ukugembula, ukuzitika, babiza lokho ngoku*phila*.

90 Yehlela lapha kwelinye lamanayithiklabhu anomsindo, kulobubusuku, futhi ungababona bedansa namanenekazi amancane nezinsizwa zalelidolobha elihle, ungabezwa bedazuluka, futhi bedansa, futhi bephuza, futhi bathi, "O, siyaphila!" Uyaphaphalaza, uyafa.

91 Lolohlobo lokuphila lwalungeke lwaba yilokho uDavide ayekhuluma ngakho, ngoba leyompilo iba lusizi kakhulu, abantu baze bathathe ivolovolo bese belibeka ekhanda labo bese beqhumisa ubuchopho babo ngalolohlobo lokuphila. Abesilisa bakhuphukela ezitezi eziphakeme kunazo zonke emakamelweni abo asehhotela, phezulu lapho behlala nabesifazane, futhi bephuza, futhi babambe izandla zabo, futhi bagxumele ekufeni kwabo ngalokho lolohlobo lokuphila oluholela kukho. Ngakho uDavide wayengeke aqonde lolohlobo lokuphila. Ngakho kunokuphendukezelwe, niyabo, kungukuphila okuphendukezelwe.

92 Manje-ke uma lolohlobo lokuphila lungalungile, khona-ke yiluphi uhlobo olukahle lokuphila na? "Umusa wakho wothando ungcono kimi kunokuphila. Manje, nomphefumulo wami womele Wena, O Nkulunkulu. Ngilangazelela ukuKubona." Manje, yini eyenza indoda ifune ukwenza noma yini enjalo na?

93 Esikhathini esithile esedlule, edolobheni elikhulu, futhi sekube cishe unyaka owedlule, kwakusehlobo eledlule edolobheni elikhulu laseCanada, ngenkathi ngibona amaMelika engena, ngaba namahloni ngawo, edakiwe futhi eqhubeka;

kwakukhona uhlobo oluthile lomhlangano wedlangala lapho. Futhi ngalobobusuku ngenkathi ngivela enkundleni yezemidlalo, futhi ngangena ehhotela elikhulu, futhi ngaqala ukwenyuka, namabhodlela ewiski, amabhodlela angenalutho ayegcwele yonke indawo ekheshini. Futhi ngathi kumfana, ngathi, “Bafanele, omunye umuntu ufanele ukuthi ubekade ome kabi kabi.”

94 Futhi wathi, “O, ngukuxokozela kwabadakiwe, Mshumayeli,” futhi wangehlisela esitezi sami. Futhi ngenkathi ngikwenza, ngaphumela ngaphandle kwekheshi, futhi ngabuka behla ngehholo, futhi nakhu kufika abesifazane ababili baseMelika, abasha, abesifazane ababukeka bebahle, cishe amashumi amabili-nanhlanu, abaneminyaka engamashumi amathathu ubudala, bobabili befake indandatho—indandatho yomshado, futhi bengagqoke lutho kodwa nje ingubo yabo yangaphansi, ibhodlela lewiski ezandleni zabo, behamba behla kwiphansi, amadoda ebahudula egumbini ngegumbi, futhi mhlawumbe umyeni wabo ekhaya, egade ingane. Kodwa kuyini na? Baphumele ukuzijabulisa okuncane okumsulwa. Lokho ngukuthi, inkokhelo yesono ngukufa.

95 Futhi kwakukhona amadoda, ayisithupha nje kwidazini elilodwa nengxenye yomunye, kwakukhona amadoda ehudula laba besifazane, cishe nomkawo ekhaya egada izingane engazi ukuthi babekuphi. Kuyakhombisa, owesilisa noma owesifazane, uNkulunkulu uyasizonda isono; Uyasithanda isoni kodwa Uyasizonda isono.

96 Lapho, kulesosimo, mhlawumbe ukuya kuSonto Sikole futhi engowebandla elithize ndawondawo. O, ngiye ngangena emakamelweni futhi ngathola ukuthi kwakukhona othisha bakaSonto sikole beziphatha kanjalo. Akumangalisi singeke saba nezimvuselelo. Singahle sibe noBilly Graham abayizinkulungwane eziyishumi, futhi ungalokothi ube nemvuselelo inqobo nje uma ibandla lingahlanzekile futhi liphila njengoba amaKristu abefanele aphile, ngoba bangeniswa ngencwadi iletha, nangokuxhawulana, nangenye *inkolelo-ze* encane. Ufanele uzalwe unokuPhila okuPhakade kuwe ngaphambi kokuba uze ube ngumKristu. O, kubi kakhulu ukucabanga ngakho.

97 Futhi lapho ngibuka labo abahle, omama abasebasha, ngicabanga ukuthi babenjalo, nenye indoda yambamba, futhi wawela phansi, ingubo encane ayeyigqokile yayiphezulu emhlane wakhe, futhi wayezama ukuhlubula lokho kuye, futhi ngavele nje ngabuyela emuva kwencane, indawo emnyama, ngacabanga, “O Nkulunkulu, Ungayibuka kanjani into enjalo na? Impela, ngeke kube yisikhathi eside.”

98 Futhi kwathi nje angasukuma ame ngezinyawo zakhe, nendoda yayidakwe kakhulu ngenkathi isiwile ukuba ibuye

ivuke, ngakho wathola umngane wakhe entanyeni futhi phansi ekamelweni beza, futhi wadonsa leyogawuni encane yento ayeyigqokile, wayesephosa umlenze wakhe phezulu emoyeni, wampongoloza, "Whupi! Lokhu ngukuphila!"

99 Kwakukukhulu kakhulu kimi, lelobhodlela lewiski esandleni sakhe, amathe egxaza ephuma emlonyeni wakhe. Ngaphuma neBhayibheli lami esandleni sami, ngathi, "Umzuzu nje, ngifuna ukukhuluma nawe."

Wayesethi, "Halo lapho, s'thandwa . . . "

100 Ngathi, "Umzuzu nje, ngingumshumayeli weVangeli," futhi ngababamba bobabili ngesandla. Ngathi, "Aninamahloni ngani na? Ngifuna ukuniqondisa ngezwi, uphose unyawo lwakho phezulu emoyeni khona manje futhi waphuza leyowiski, futhi wathi, 'Lokhu ngukuphila.'" Ngathi, "Ngukufa. IBhayibheli lathi, 'Ophila ngokutamasa ufile esaphila.'" Futhi badluthula badedeleka futhi baya ezansi ephaseji, bahamba ngamandla abo onke, kungekho-sikhathi sokuma.

101 Kodwa mfowethu, lolohlobo lokuphila lugcina ngokuzibulala, luphelela ezinkantolo zezahlukaniso. Kodwa yini eyenza umuntu afune ukukwenza na? Manje, nakhu lapho indikimba yami ilele khona, futhi nakhu lapho engifuna ukufika khona kini: Isizathu sokuba wenze lokho, nabantu benza lokho, futhi bomele ukuPhila, yingoba uNkulunkulu wabenza ukuba bomele ukuPhila, kodwa Wenza umuntu phezulu endleleni yakhe yokwenza ukuba omele ukuPhila kukaNkulunkulu, nodeveli uyakuphendukezela futhi azame ukwenelisa lokho koma okubusisiwe ngesono.

102 Yilokho okwenza abesifazane babheme osikilidi, yilokho okwenza abesilisa babheme osikilidi, yilokho okukwenza uphume futhi uzihlubule ezitaladini futhi ugqoke izikhindi, yilokho okwenza lababantu benze ngendlela abenza ngayo, yilokho okwenza abesilisa nabesifazane baphile ngokuhlazisana, yingalesosizathu nihlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuba nibuke u*We Love Susie*, noma into efana naleyo, esikhundleni sokuhlala emhlanganweni womkhuleko, yingoba udeveli ukunike ulamula, uphendukezele lokho koma kokumesaba uNkulunkulu kuwe futhi ezama ukunelisa wena ngengxavungxavu yakhe ephuma esihogweni. Kunjalo. UNkulunkulu wakwenza ukuba wome.

103 Yini eyenza amadoda agembule na? Yini eyenza amadoda aqhubeke na? Yini eyenza lamantombazanyana nabafana phandle lapha kulabodum-dumu ababala, umculo wokuzibinya, izinto zokungamesabi uNkulunkulu, yingoba uSonto sikole uyekelelile, nekhaya liyekelelile, nabazali bayekelelile, nesizwe seyekelelile.

104 Amadoda acula amaculo amnika ugqozi. Isizathu sokuba bacule elika-Elvis Presley elithi *All Shook Up* yingoba abazange babafundise i*Dwala lemiNyaka, Ngivulekele*. Yilesosizathu.

105 Isizathu sokuthi abantu bengakholelwa ekumemezeni kulobubusuku, kodwa bazomemeza kakhulu emdlalweni webhola, yingoba bafundiswe izinto ezinjalo, futhi badeda eBukhoneni obukhazimulayo beNkosi uJesu obanikeza leyongxenye eyenelisayo.

106 O, abantu bakwenza kanjani! Yingenxa yokuthi udeveli uthathe leyo ebusisiwe, into engcwele, uNkulunkulu akunike yona, futhi uke ulokothe ukuba uzame ukwenelisa lokho koma okungcwele okukuwe, uNkulunkulu akunika khona ukuba womele Yena, futhi ukwanelise ngezinto zezwe. Awusoze wakwazi ukukwenza, ngeke kwenziwa. Futhi uma ucabanga ukuthi uyaphila, ngoba uphila kangconywana kunomunye umuntu, ukuphakama kancane ezweni, awukaze uqale ukuphila, uze uvumele lokho koma kweneliswe yilokho:

> Umthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
> Lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala,
> Futhi kusuke onke amabala azo esono.

107 Akukho kweneliseka kuze kuthi lokho koma kucinywe nguBukhona bukaNkulunkulu. Kodwa udeveli uyakutshela, ufuna ukuba yisimodeni. "O, uma nje ngingafana noSusie," noma ngabe ungubani lowo wesifazane ukuthi bonke bahlale ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuba babone, *We Love Susie*, noma into efana naleyo, u*Lucy*, kunjalo. Yebo. Uthola ngempela "ukuxega," kulungile, ngizokuvuma lokho.

108 Futhi lapho isizwe sakithi sifika endaweni. . .Ngolunye usuku ngama, futhi ngethuka lapho ikamelo lami lasehhotela ngaphesheya nje kweYMCA, futhi babefundisa abantwana abasebancane eYMCA umculo wokuzibinya, hhayi lokho kuphela, kodwa bayakufundisa emabandleni. Ungalindela kanjani noma yini enye, kodwa injejane, izixhwanguxhwangu ezixokozelayo njengoba sinazo namhlanje.

109 Ngoba abazali. . .Yini abazali besimodeni, ilunga lebandla lesimodeni na? Angifuni ukunilimaza, kodwa ngingaqoka ukunethusa kancanyana manje kunokuba nilahleke esihogweni ngolunye usuku, nami ngibe necala ngakho.

110 Umtholaphi umama na? Kwenye iphathi yamakhadi. Kuthiwani ngobaba na? Phansi egumbini lokubheja. Kuthiwani ngoJunior na? Phandle e. . .ephuma egijima ngemoto yakhe eshuniwe endala, ehla enyuka ngomgwaqo, encintisana ngejubane, lelo yiSonto. Uphi udade na? Ephathini yomculo wokuzibinya. Futhi ukhuluma kubo ngoNkulunkulu, bathi, "Ngingowebandla *elithize-thize*. Ngimuhle njengawe."

111 Abazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu belingazi ngobusuku baseGibhithe. Kunjalo. Into kuphela abayaziyo yikhathekizima elithize noma isivumokholo sebandla, igama labo encwadini ethize, futhi engakaze azalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Esikudingayo ifeshini endala, ethunyelwe nguNkulunkulu, imvuselelo yePentecostal. Akusikho ukuthi siyakudinga kuphela ebandleni leMethodisti neBaptisti, siyakudinga kwiPentecostal . . .? . . .

112 Kuthola okuthile okungalungile. Izinto seziqala ukukhuphuka ngoba izwe, ibandla elake langabi nandaba, yonke impilo yabo yanikelwa kuNkulunkulu, baqhubeka. Kuyiqiniso.

113 Bese kuthi-ke nansi enye indlela udeveli azama ngayo ukwenelisa lokho koma: Uzama ukukwenza ucabange ukuthi ukahle, ngoba nje ujoyina ibandla. Mfowethu, lelo yicebo lokuphamba likadeveli. UJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angengene eMbusweni." Uyakuvumela ufake igama lakho encwadini, uzokuvumela ubhaphathizwe nga*le*ndlela, nga*leyo*ndlela, ubheke phansi, phezulu . . . Wenzani na? Njengesisho esidala nje, "Wehla uyisoni esomile, bese wenyuka usungesimanzi." Lokho ngeke kukusize ngalutho. Akunandaba ukuthi ufafazwe kanjani, wathelwa, wabhaphathizwa, wacwiliswa kanjani, kumbe noma yini okunye, ngeke kusize ngalutho.

114 Ibandla alikudingi lokho kulobubusuku, akudingi ukuphikisana ngokuthi ngabe sifanele sifafazwe, noma ngabe sifanele sithelwe, noma sibhaphathizwe kathathu ubuso bubheke phambili, noma kathathu uhlehla, noma kanjani, lokho ngukuqophisana nje. Ukuba-ke besingamadodana namadodakazi kaNkulunkulu na? Besiyoziphatha kanjalo. Lelo yiqiniso. Esikudingayo yimvuselelo eyifeshini endala.

115 Ngesinye isikhathi mina nomfowethu omncane osahamba, sasiphumile sihambahamba emahlathini, futhi sathola ufudu lwasemanzini oludala. Angazi noma nina baseTexas niyazi ukuthi yini ufudu lwasemanzini noma qha. Futhi uhlobo lokuhamba oluhlekisayo, futhi sacabanga ukuthi leyo kwakuyinto ebukeka ihlekisa ukwedlula yonke esake sayibona. Ngakho ngi . . . Ngenkathi sikhuphukela kulo . . .

116 Ungifaka nje emqondweni wenqwaba yabantu oya emhlanganweni weVangeli, kuthi nje kungashiwo into ethize abangayithandi, basukume baphume, ngenkathi nje ukushumayela kusaqhubeka, njengalolofudu oludala nje lazidonsela egobolondweni lalo uqobo.

117 Awu, ngathi, "Uyazi, angazi ukuthi singalwenza kanjani lugijime futhi." Ngakho ngathi, "Indlela uMama angenza ngayo ngigijime ingoswazi." Ngakho-ke ngahamba futhi

ngathola uswazi, futhi nje ngavele ngaluthela ngalo. Akusizanga ngalutho. Ungeke wakwenza ngaleyondlela, impela, ungeke.

118 Ngakho ngacabanga nxazonke isikhashanyana, ngathi, "Awu, kukhona umfudlana omncane ogeleza khona phansi lapho, luzohamba noma ngizoluminzisa." Ngase ngilwehlisela lapho ngase ngiluhloma phansi emanzini, amagwebu ambalwa nje aqubuka futhi yilokho kuphela okwakukhona kukho.

119 Akwenzanga mehluko, ungababhaphathiza nga*le*ndlela, noma nga*ley*ondlela, akusizi ngalutho, ungeke ubathole ukuba bagijimele iNkosi kanjalo. Kodwa niyazi ukuthi ngenzeni na? Ngabasa umlilo omncane ngase ngivuthisa umfana omdala kulokho, wahamba egijima ngempela ngaleyonkathi. Esikudingayo kulobubusuku akusikho ukuphikisana ngezivumokholo ezincane, kodwa esikudingayo kulobubusuku nguMoya oNgcwele nomlilo ubuyele ebandleni, nawo onke amandla kaNkulunkulu ayifeshini endala ukushisa isono nobugovu, ukungahloniphani komunye nomunye, kushise kuphume kithi ngothando lukaNkulunkulu. Kunjalo.

120 "Wakho . . . Umphefumulo wami womela Wena ezweni elomile nelegagadekileyo. Ngilangazelela ukubona amandla aKho njengoba ngiwabonile." Uma leso kungesiso isithombe sebandla lePentecostal! "Ngiyalangazelela ukukubona, njengoba ngake ngakubona endlini yaKho engcwele, kudala, ngenkathi abangcwele abadala babevame ukuhamba behla benyuka esikhaleni sezihlalo futhi bamemeze futhi . . . "

121 O, ngiyakukhumbula lokho ebandleni lami elidala leBaptisti. Manje, ngiphuma esigejaneni samaBaptisti, uDkt. Davis angahle abe khona lapha kulobubusuku, uhlala lapha eFort Wayne, noma, eFort Worth, owangibhaphathiza ebandleni lamaBaptisti, futhi sasivamise ukubabona behla benyuka ezikhaleni zezihlalo nabesifazane bememeza, babenalabo abakhulukazi abadala, ophini bezinwele abade, futhi babendiza kuso sonke isakhiwo. Ungeke wathola izinwele ezenele kuhhafu wabesifazane esakhiweni ukuba ufake uphini wezinwele. Kukhona okungalungile. Kodwa babevamise ukukwenza ebandleni leBaptisti, futhi sizisho ukuthi siphakeme kakhudlwana kunalokho, bakunqamula konke.

122 Niyazi iBhayibheli lathi izinwele zabo ziyinkazimulo yabo. Akumangalisi inkazimulo isihambile yonke. Ngakho si . . . Kodwa angikusho lokho ngokuncokola, leli yipulpiti, lena yindawo lapho ukwahlulela kufanele kufike khona, ngishumayela iBhayibheli, nginitshela ukuthi uNkulunkulu uthini eZwini laKhe. Futhi ngoba izwe selingenile futhi lazidla futhi lafaka ezinhliziyweni zabantu, bobabili abesilisa nabesifazane, yingalesosizathu silangazelela ukubona lezozinsuku futhi. "Umphefumulo wami womele Wena." O, he!

123 UDavide futhi wathi, "Njengendluzele yomela umfula wamanzi, kanjalo umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu." Ngicabanga ngalokho, leloHubo, ukuthi uDavide wayengumzingeli kanjani emahlathini, wazingela amabhubesi, namabhere, kanjalonjalo, ngendwayimane yakhe, ukuthi wayeyibhekisisa kanjani imvelo, futhi wayazi ngokuzingela izinyamazane amadiye, mhlawumbe wakhuliswa kukho. Futhi kanjani inyamazane idiye, iyi—isilwane esinobuqili kanjani pho! Futhi kanjani ukuthi inyamazane idiye . . .

124 Banempisi noma inja yasendle; e-Afrika yinja yasendle, eMelika ibizwa ngempisi. Ubona i—inyamazane encane idiye edlayo, ne—nempisi izothi nyelele kalula ngempela. Futhi uma ingabamba leyonyamazane idiye ingaqaphile, njengodeveli nje ebamba ibandla lingaqaphile . . . Into ibandla ebeliyifuna ngesikhulukazi, isakhiwo esihle, nomfundisi ophuma ngqo emathuneni, noma, ikholiji, ongathi . . . ngiyaxolisa, bengingaqondile ukusho lokho, oma qekelele, niyazi, futhi ongathi, "A-men," muhle kakhulu, mfowethu, nokugqoka . . .

125 Yini indaba ngezwe namhlanje na? Sinabaningi kakhulu abancane, abanezinwele ezimayabuyabu, abavangeli baseHollywood, esikhundleni sabelusi abayifeshini endala abathunyelwe nguNkulunkulu, isihogo somlilo nesibabule. Kunjalo. Begijima behla benyuka kwiphansi, nabesifazane emsamo namacici amakhulu enamathele ezindlebeni zabo, nakho konke, izingubo ezithelwe kubo, futhi akumangalisi isoni . . . Bukani, sidinga uhlobo oluyifeshini endala. Ngiyakholelwa kweyimfashini endala, yasemahlathini angemuva, isibhakabhaka esiluhlaza, inkolo ebulala isono. Kunjalo, mfowethu. Ayizukukucaka, kodwa iyokugeza ube mhlophe. Kunjalo. Ikwenza kusukela ngaphakathi kuphumele ngaphandle, uhlanzwe ngempela. NoJesu Kristu unguMqalisi waleyonsindiso, uMthombo ovulelwe bonke.

126 Futhi njengoba ubona lezozinyamazane ezincane amadiye, njengoba leyonja enkulu enyonyobayo ikhuphukela kuzo . . . Izikhathi eziningi ezansi eningizimu lapha, bona, ezansi eLouisiana ba—bagijimisa inyamazane idiye ngenja, ngangihlale ngicabanga ukuthi kwakuwunya. Inja iyozingela, mayihambe; hamba uyozingela wena uqobo, bese ushiya inja ekhaya. Ngakho manje-ke . . . ngenkathi i . . . Ngayibhekisisa ngenkathi igijimisa lezinyamazane amadiye amancane; noDavide wabona okunjalo.

127 Bese kuthi-ke lapho i—inja ithi nyelele kalula ngempela futhi ibona inyamazane encane idiye, ine—necebo lokuphamba lokunquma umphimbo wazo. Impisi, inamazinyo amabili egazi, aphuma *kanjalo*, futhi ibhekisisa inyamazane idiye, futhi lapho isikuyo ngqo, izogijima ngokukhulu ukushesha, igijime ngokushesha, ngokushesha kakhulu inyamazane idiye ayisayiboni ngisho, futhi idumela inyamazane idiye futhi

icwilisa lawomazinyo amazinyo njengenyoka ngemuva ngqo kwendlebe yayo, nomthambo omkhulu wesifuba, ugijima ngqo emva kwendlebe yayo, khona-ke impisi ishwibeka isisindo sayo, njengaleyomimese emibili inamathele phakathi lapho bese inquma umphimbo wenyamazane encane idiye bese ishona phansi, ngoba ibingayiqaphile.

128 Yilokho obekuyinkinga ngebandla, hhayi kumqaphi, kukhona okungalungile. UMfowethu Kelly omdala wayevame ukucula iculo:

> Sehlise imigoqo,
> Saxegisa ngesono.
> Sehlise imigoqo, izimvu zaphuma,
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

129 Wehlisa imigoqo, kwaba yilokho kuphela, uqala ukuxegisa.

130 I—ibandla, livotela umelusi walo, liyothatha othize onobuqili omncane, esikhundleni sendoda ethize eyayiyifeshini endala ngempela, umshumayeli wesihogo somlilo nesibabule, oyophatha iVangeli ngezandla zakhe ezingenalutho esikhundleni samagilavu aseHollywood efakiwe.

131 Izwe ligcwele ubuvangeli baseHollywood, asikudingi lokho ePentecost, lokho makuqhubeke phandle lapho kungokwakhona. Sifuna uhlobo oluyifeshini endala, uhlobo olukhuluma iqiniso, lubeka izembe empandeni yesihlahla futhi makuthi amacembe awele lapho efuna khona. Kunjalo. Buyela eVangelini, mfowethu. Ngingaqoka ukuba sesixukwini ukuba ngiyohlangana noJesu nabahlanu balabo, kunezinkulungwane eziyikhulu ngenye indlela. Umehluko: Ukwethembeka nobumsulwa bomphefumulo nenhliziyo ebukhoneni bukaNkulunkulu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

132 Manje, uma leyonyamazane idiye encane ishesha ngempela, futhi ima lapho, njengamaningi intombazanyana kulobubusuku, ukuthi omunye umdlwembe omncane wehla ngomgwaqo, futhi uzophuma, akazi lutho olungcono, abeke inqwaba yezinto zodebe ebusweni bakhe, futhi azipende wonke, futhi enze amashiya akhe kanjalo. Uma uNkulunkulu ebekufuna kanjalo, Ubeyokwenza ngaleyondlela kwasekuqaleni, niyabo.

133 Futhi, niyazi, ePentekoste bayafundisa ndawondawo ngapha phakathi lapha, nginakho izikhathi eziningana, ukukhululwa kwabesifazane. Yini e . . . ? Yini indaba ngani bantu na? Inkululeko? UKristu unikeza inkululeko ezweni, yileyo kuphela inkululeko esinayo. Ngicabanga ukuthi nina madoda enifundisa lokho nidinga inkululeko, ezibophweni zetilongo. Akukho nkululeko . . . Lapho ukuKristu, uma uthanda izwe, noma izinto eziphathelene nezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuwe. IBhayibheli liyakusho.

134 Leyo yinto enkulu kumuntu kaCalvin ukuba ayisho; kodwa ngingokaCalvin inqobo nje uma uCalvin ehlala eBhayibhelini, uma ephuma eBhayibhelini, ngingoka-Arminius ngaleyonkathi. Ngiyakholelwa eQinisweni langempela leZwi likaNkulunkulu. Bobabili babenokuthile, kodwa baphuma ngezitho futhi bafela phandle lapho. Kodwa iBhayibheli lisahlala esiqwini somuthi, kunjalo impela, lokho kukuMoya oNgcwele. Uma uthanda uNkulunkulu, awufisi ngisho nokwenza lezozinto, kunjalo; uma ufisa ukuzenza, khona-ke uthando lukaNkulunkulu alusekho kuwe. Yilokho umBhalo okushoyo.

135 Kodwa manje, mfowethu, uma uqaphela ukuthi ibandla lingene kanjani kulesisibumbatha sokutamasa, kwenzekeni na? Kwakuvamise ukuthi, wawungabavumeli abantwana bakho baye emibukisweni yezithombe, udeveli uyakushaya kulokho, wabeka ithelevishini ekhaya, kunjalo, wenza lokho. Manje, angisho ukuthi izinto ezinhle aziveli ngethelevishini, kodwa bhekisisa nje ukuthi uvule ini bese ucisha. Uno-Oral Roberts noma omunye umuntu lapho, noma into ethize enhle kanjalo, ibuke, uma kungesikho, igcine ivaliwe. Kunjalo. Futhi uma abantwanyana bakho bengeke bakwenze lokho, gcina into ingaphandle kwendlu yakho, kunjalo impela, ku. . . futhi uyoba ngcono ngaphandle kwakho, kunjalo, kuyo yonke into yakho.

136 Kubukeka sengathi yonke into i. . . Yonke into iyagula kusukela ekhanda kuya ezinyaweni. Okunesono nje, isibumbatha sokungcola, kubukeka kanjalo. Akumangalisi iBhayibheli lathi, "Onke amatafula agcwele ubuhlanzo." Kunjalo.

137 "Ngubani engizomfundisa iMfundiso na? Ubani onga. . .? Labo abalunyuliweyo ebeleni."

138 Qhubeka nje, uthi, "Ngani, akabusiswe uNkulunkulu, ngi— nginoMoya oNgcwele, ngenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Uma ungakuphili, mfowethu, kukhona okungalungile. Kuyiqiniso.

139 Ukomela uNkulunkulu. O, bekungaba kanjani. . . Ngisho nomprofethi oyedwa wathi waze washawa amahloni ngenkathi engena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Ucabangani uMoya oNgcwele kulobubusuku, onguMfundisi wethu, owenyukela phambi kukaBaba ukuletha izimo zebandla, ukuthi kanjani ukuthi thina bantu bebandla kulobubusuku, sivumela izinto ezinjalo ukuba ziqhubeke emapulpiti ethu, ukuthi siwisa kanjani imigoqo, thina bantu, thina bantu esizisho ukuthi siyamazi uNkulunkulu futhi sidedele lezozinto zizedlulele na? Nkulunkulu yiba nomusa kithi! Uyosenza siphendule ngoSuku lokwaHlulelwa ngalezozinto. Kuyiqiniso.

140 Manje ake siqaphele umzuzu nje, leyonyamazane idiye encane, uma ishesha ngempela, uma ibona i—i, uma i—uma impisi inyakaza, uhlobo oluthize, futhi ibona impisi iza, ibingagxuma, futhi ngezinye izikhathi ingaya le na le. Manje,

indawo yesibili engcono kunazo zonke yempisi uma ingakwazi ukunquma umphimbo...Uma inquma umphimbo inyamazane idiye yenza kuphela ukugxuma okubili futhi ifile, ayisekho, futhi nje emizuzwini embalwa konke kucoshwa yizinja, kucoshwa nje, amathambo aba mhlophe qwa.

141 Futhi lalela, dadewethu othandekayo, leyophathi yokuqala encane yomculo wokuzibinya owaphuma wathi nyelele futhi awutshelanga umama ngayo, uyabo, futhi uthathe i...Wena—umama wakho wakufundisa ukuba ungayigqoki leyonto noku—ukwenza izinto ozenzayo, kodwa ubucabanga ukuthi bekububukeka, buka sisi, othandekayo...Futhi wena, bhuti, wena obhema lowosikilidi omncane, cabanga, ngoba nje abafana bakubiza ngosasitabane, bengiyobizwa nganoma yini. Inqobo nje uma ngikhonza uKristu, kwenza mehluko muni na? Kunjalo.

142 Futhi ini na? Uphumela lapho, futhi kungani wenza lezozinto na? Uma umama wakho ekuvumela ugqoke lezozikhindi nezinto phandle esitaladini, encane, into encane njengawe, ubefanele abe namahloni ngaye uqobo, kunjalo impela, ubefanele. Kodwa ukwenzelani, s'thandwa na? Ngifuna ukunibuza, nginamantombazane amabili ahlezi khona lapha, futhi, ngifuna ukunibuza okuthize: Nikwenzelani na? Awukwenzeli ukuba ubonakale phambi kukaNkulunkulu. Awugcobi ubuqhathanzipho ebusweni bakho...Ngenza iphutha kulokho, akusikho lokho, noma ngabe yini oyigcobayo, ngupende...Yini—noma yini o...Awukugcobi lokho ebusweni bakho ukuba uhlangane nomyeni wakho. Uma unomyeni ofuna ukukubona kanjalo, mthole ukuba asindiswe. Kunjalo. Nenza lokho ukuba nibonakale phambi kwabantu, anikuqondi.

143 Ugqoka lezozingubo ezindadlana, njengoba nganitshela ngobunye ubusuku, ezibukeka zikhanukisa, nalaba bafana bakushayelele ikhwela, bakubiza ngempempe yempisi: "*Wheti-whewu!*" Yiyo, inja enkulu yasesihogweni, kunjalo impela, kunjalo impela, futhi iyakulandela, futhi izokuthola uma ungabhekisisi. Suka kuyo ngokushesha, futhi uma ungagwema ngokushesha ngokwenele, uzokugudluza.

144 Uma inja ingenakuyibamba inyamazane idiye ngomphimbo, iyibamba ngokulandelayo ngqo ohlangothini olungaphansi, nanso indawo, khona ngqo ohlangothini olungaphansi, ngoba yibhalansi emaphakathi nendawo yenyamazane idiye. Ingemuva lisinda kakhulu kunengaphambili, siyakwazi lokho, futhi ngentamo, kanjalonjalo, kuyayibhalansisa.

145 Bese kuthi-ke uma impisi ibingadumela futhi igeje intamo, futhi uma ingaphinde idumele futhi, ngokushesha, futhi ibambe inyamazane idiye ngohlangothi olungaphansi, iyashwibeka, kwesokudla nesokunxele *kanjalo*, kuze kube maphakathi nenyamazane idiye, inayo ishwibeka, into encane bandla

ayisakwazi ukuhamba ngezinyawo zayo, futhi iyiphonsa emhlabathini, emizuzwini embalwa nje, isiyicoshile.

146 Yileyondlela udeveli akwenza ngayo, sisi; yindlela akwenza ngayo, bhuti. Kunjalo. Futhi into yokuqala niyazi, unosuku lokubonana nalowomfanyana wokuqala, waqala ukuphuma nalowomculo wokuzibinya wokuqala . . . Ubani owake wezwa . . . ? Futhi nonke nizama ukusho . . .

147 Nalababantu benitshela ukuthi u-Elvis Presley, akukho okumelene nomuntu, kuphela uyisoni, kodwa ngifuna ukusho okuthize, ethi uyakholwa, ngoba ucula amaculo e . . . Mfowethu, ukuthi . . . ngi . . . Nanku umcabango wami: Munye umehluko phakathi kukaJuda Iskariyothe no-Elvis Presley, wayengumfana wePentecostal, uJuda Iskariyothe wathola izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, u-Elvis Presley wathola uxhaxha lwamaCadillac nesigidi samadola, bobabili bathengisa. Kunjalo impela. Umkhohlisi omkhulu kunabo bonke engimaziyo, uPat Boone nabo bonke abanye, kunjalo impela, u-Arthur Godfrey noPea-Picker Ernie.

148 Noma ubani, uma ulalela into enjengaleyo, kukhombisa ukuthi udeveli uyakwenelisa ngengxavungxavu yaseHollywood, esikhundleni . . . Konke—konke lokho kwethembeka enikuchitha emashingeni anjalo, ubufanele unikeze lolodumo kuNkulunkulu uSomandla, ngokuba UnguNkulunkulu onomona. Labobafo bangama futhi bacule amaculo, futhi benze izinyembezi ziphume emehlweni abo njengezingwenya.

149 Lalelani, kwenzeka ngafuya izimvu, kuthatha indoda yemvu yangempela ukwazi umehluko phakathi kokukhala kwempisi ne, noma, ukukhala kwewundlu nembuzi, kokubili kukhala ngokufanayo, lokho akuhlangene ngalutho nakho. Uma ukuphila kwakho kungahambisani neBhayibheli likaNkulunkulu, usalokhu usebumnyameni. Kunjalo. Futhi into ekhohlisa kakhulu kunazo zonke ekhona ezweni yizinto zenkolo, ukugqoka inkolo.

150 Sinomfo lapho eLouisville, wazibulala ngolunye usuku. Wayehlela lapho, nomculo wokuzibinya omdala ubusuku bonke, futhi aphumele emjuxuzweni omkhulu, futhi afike ngeSonto ekuseni futhi ashumayele iVangeli emsakazweni.

151 Kuyihlazo! Akumangalisi izoni zingazi ukuthi zenzeni, kuyamangaza azazi ukuthi zizocabangani. Yebo. Futhi bathi, "Ngani, bathola imiphumela." UNkulunkulu uzolihlonipha iZwi laKhe uma Lashunyayelwa yisifebe, Uzolihlonipha iZwi laKhe; kodwa Nkulunkulu siza lowomphefumulo onesono ozifanisa nomunye futhi uzama ukwenza into enjengaleyo. O, mfowethu!

152 Nina bantu, uma nigeje impisi, uNkulunkulu abusise umphefumulo wenu; futhi uma ungenakukwenza, uzoyiphosa phansi, futhi emizuzwini embalwa nje icoshwa phansi. Izimilo zakho zizokonakala, sisi; futhi mfowethu, awusoze waphila

phansi inqobo nje uma usaphila kulomhlaba, akunandaba ukuthi uthethelela kangakanani.

153 Lapha esikhathini esingeside esedlule, omuhle, owesifazane osemncane e-altare, wayekhala izinyembezi futhi ekhala izinyembezi, futhi asikwazanga ukumthola ukuba emukele uKristu. Ngabuyela emuva kwelincane ekamelweni ngase ngimbuza, ngathi, "Yin'indaba, sisi na?" Ngibonile ukuthi wayezoba ngumama.

154 Futhi wangitshela, wathi, "Mfowethu Branham, ngakhuliswa ekhaya lamaKristu, ngi—ngi—ngi . . . Ubaba wami nomama bangamaNazarene, futhi sikhuliswe impilo eqinile, ubungcwele." Futhi wathi, "Ngaphuma nomfanyana ngesinye isikhathi, futhi wayeneflaski ephakethenі lakhe, wayethandwa kakhulu ngabantu, wayekwazi ukudansa, futhi ngangingafuni ukwenza okunjengalokho, ngakhuliswa ngokwehlukile." Futhi wathi, "Manje, Mfowethu Branham," wathi, "khona-ke into yokuqala uyazi, ngiphuze iCoke ngobunye ubusuku, futhi yayifakwe okuthile okungalungile ngolunye uhlobo lwe—lwephilisi lokukushaya likulahle phansi," futhi wathi, "Ngavuka egumbini lehhotela labahamba ngezimoto ngakusasa ekuseni, ukuziphatha kwami kwase konakele, futhi nakhu sengizoba ngumama."

Ngathi, "UNkulunkulu uzokuthethelela, ntombazane."

155 Wathi, "Yebo, Mfowethu Branham, kunjalo, Uzongithethelela, kodwa loluphawu ngizoluthwala kuze kube wusuku olude kunazo zonke engiluphilayo."

156 Kunjalo, kuyokulandela kukuhluphe, awusoze wabheka umyeni wakho ebusweni futhi ube kahle futhi; futhi awusoze wabuka umkakho ebusweni futhi ube kahle futhi. UNkulunkulu uzokuthethelela, kodwa lesosibazi silapho.

157 Lalelani, lapho lesosilwane sibanjwa, leyonyamazane idiye encane, nempisi iyoyinikiza . . . Manje, uma inyamazane idiye ihlakaniphe ngempela, uma uke wazibhekisisa, inyamazane idiye ibiyosonteka ngokukhulu ukushesha futhi igxume, le emaceleni, futhi uma impisi ingabambelelanga ngokujule kakhulu, iyodluthula okukhulu okungagcwala isandla, noma okukhulu okungagcwala umlomo, njalo, iphume ohlangothini olungaphansi lwenyamazane encane idiye. Khona-ke ifanele yenzeni inyamazane encane idiye ngenkathi impisi iwa futhi igomboqela nalenyama egcwele umlomo na? Igazi liqala ukugxaza, futhi lapho lenza, inyamazane idiye izofanele igijimele okukuyo, yonke into.

158 Futhi, O Nkulunkulu, uma kwake kwabakhona isikhathi ukuthi abesifazane nabesilisa bebefanele bagijime kulobubusuku, baleka usindise impilo yakho, baleka usindise impilo yakho, mngane othandekayo, baleka usindise impilo yakho!

159 Futhi qaphelani, nakhu lapho uDavide akuthola khona. Manje, mfowethu ongumzingeli phakathi lapha, noma ngabe ungubani, uyakwazi lokhu, leyonyamazane idiye encane yopha kanjalo izofanele ifinyelele emanzini. Ngizilimazile mina uqobo, ngazidubula, futhi ngazidubula phezulu noma phansi, okukodwa, futhi ngizibhekisise. . . uma ike yafinyelela emanzini, awusoze wayithola. Iyolokhu nje inqamula emuva naphambili, ayisoze iwashiye lawomanzi, iyolokhu iya emuva naphambili, futhi ubungeke uyithole uma ubufanele, inqobo nje uma yayingama futhi ithole ukuphuza okumnandi, isuke ihambe inqamule igquma, bese ibuya ngqo futhi ibuye iphindwe kabili. Ungalandela umkhondo wayo usuku lonke, inqobo nje uma ingathola amanzi, injalo, iyohlala iphila, kodwa yiqhelise emanzini, izofa.

160 Futhi o, mfowethu, uDavide wathi, "Njengendluzele yomela umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu." Ngifanele ngiMthole, kungenjalo ngizobhubha, ngilimele, futhi ngifanele ngithole amanzi okuPhila, kungenjalo ngizobhubha. "Nkulunkulu, ngijoyine amabandla, ngidluthule ku*lokhu* naku*lokho*, ngisuka ku*lolu*gibe ngiya *kolunye*." Kodwa uma ungawatholi aManzi okuPhila, uzobhubha. Kodwa uma ike yangena kulawomanzi, ilapho, iyohlala lapho okukhona khona uMthombo wokuPhila, ugeleza ngesihle kulobubusuku endlini kaDavide, emzini kaNkulunkulu. O, bantu, ukuphuthuma, ukulamba, ukoma. "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa." Niyabo, bafanele.

161 Uma ulimele kulobubusuku, uma udeveli ekhiphe isigaxa kuwe, futhi womile, "Ngingenzani, Mfowethu Branham na? Uma uJesu ubengeza kulobubusuku . . . "

162 Lalelani, akukho lutho lokusivimbela ekubeni ngumlotha ekuseni. Kunjalo. Isiphuzo esengeziwe nje sikagologo, yonke into iqeqeshiwe, nenye yalawomabhomu, izoqhuma kuphi na? Amafidi ayikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu ukujula, isikwele esingamamayela ayikhulu namashumi amahlanu. Hlobo luni lompheme ozongena kulo na? Awukho, ngicela uxolo, kukhona owodwa, owenziwe ngezimpaphe: sizohlala phansi kwamaphiko aKhe. Ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, iBandla lizobe liya eKhaya.

163 Uma ulimele kulobubusuku, sisi noma mfowethu, asize eMthonjeni manje, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje. Ungazami ukufaka okunye esikhundleni salokho koma. Lalela, mntwana wami, mfowethu nodadewethu, Ngiyakuthokozela uyiBaptisti, iMethodisti, noma iPentecostal, noma iNazarene, lokho kuhle, ngiyakuthakasela lokho, kodwa o, mntwana, lalela umshumayeli oyifeshini endala okholwa ukuthi uNkulunkulu uyaphila futhi uyabusa: Awusoze waneliseka uze uphuze kanye aManzi okuPhila, khona-ke awusophinde uwushiye lowoMthombo futhi. Woza, unambithe.

164 Sisalindile, umzuzwana nje, “Kukhona uMthombo, ogcwaliswe ngeGazi,” ungeze yini nje kuWo, khona lapho okhona, esihlalweni sakho, manje. Ngifuna nethembeke, ngifanele ngikhulume nani emzuzwini nje ngento ethize, ngizwa enhliziyweni yami, manje nje ngizonibuza okuthize: Ngabe uyasizwa ngempela isidingo sakho na? Ngabe uthando lwenu lusalokhu lungolwezwe, ni—niyakuthokozela ngempela ukuzwa izinto zezwe noma nenza izinto zezwe na? Uma ukwenza, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Manje, onke amehlo avalwe, ngiyacela.

165 Ningaziphakamisela nje izandla zenu kuKristu, bese nithi, “Kristu, ngomele Wena. Inhliziyo yami ilangazelela Wena njengenyamazane idiye elimele ilangazelela umfula wamanzi. Ngifuna ukuba ngumlingiswa, lapha njengomfokazi ngifuna ukuziphatha njengekholwa langempela. Nkulunkulu, ngazise ukuthi UnguBaba wami, futhi ngifuna ukwazi ukuthi Wena unami kulobubusuku, ngifuna ukuzwa uBukhona baKho, njengoba nje kwenza ukhozi emaphikweni alo, esikhulume ngalo. Ngifuna ukwenza njengoba kwenza iNigro elaliyisihambi ezweni elingaziwa kodwa lazi ukuthi laliyindodana yenkosi. Ngifuna ukubalekela isitha, Nkosi, ngi—ngiyadabuka nje, kulobubusuku, ngifanele ngiKuthole, Nkulunkulu. Ngomile, ngifanele ngibe naWe noma ngife.”

166 Ngabe ngempela nizizwa ngaleyondlela ngakho na? Uma ukwenza, ungasiphakamisa nje isandla sakho kuYe bese uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi”? Vele uphakamise isandla sakho, noma ngabe ukuphi. Uthi, “Yiba nomusa kimi, O Nkulunkulu, ngiyaKufuna.”

167 Ngaphandle? UNkulunkulu akubusise. Phakamisa isandla sakho, uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, manje ngifuna uJesu.” Usho ukuthi kukhona umuntu oyedwa nje lapha kulobubusuku kulokhu, cishe abantu abayinkulungwane na? Ababili? Ngiyabonga, futhi uNkulunkulu aphe izibusiso. Bathathu, emuva lapho. Cishe nje, ngiqagele, amakhulu ayisithupha, abantu abangamakhulu ayisikhombisa lapha, mhlawumbe, futhi uqonde ukuthi . . .? UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Kunjalo.

168 Uma ukusho ngempela ezinjulweni zomphefumulo wakho, uma umphefumulo wakho womele uNkulunkulu, phakamisa isandla sakho, uthi, “Nkulunkulu, ngempela . . . ”

169 “O, ngiyiPentecostal, Mfowethu Branham. Ngemukele uMoya oNgcwele. Ngakhuluma ngezilimi. Nga—nga—ngasina eMoyeni. Ngihlabelele eMoyeni.”

170 Zonke lezozinto zilungile, mfowethu, angimelene ngalutho nalokho, lokho kulungile, lowo nguNkulunkulu, kodwa awume kancane, uma ungenayo leyonto yangempela yokugcinwa . . .

171 Umfo ufika kimi, esikhathini esingeside esedlule, futhi wathi wayekade ekhona yonke indawo, waya kuBilly Graham, noBilly wathi, "Phakamisa isandla sakho, wemukela uKristu." Wathi, "UBilly wathi, 'Kufeziwe manje.'" Wathi, "Ngaya kwiFree Methodisti, bathi, 'Awujabule ngokwanele ukuba umemeze, awukakwemukeli.'" Wathi, "Ngase ngikhuleka, ngaze ngajabula ngokwanele ukuba ngimemeze," wathi, "Angikwemukelanga." Wathi, "Ngaya komunye umvangeli," engingeke ngilibize igama lakhe, enimazi kahle lapha, "wangitshela ukuthi ngangingenakho ngaphandle uma ngikhulume ngezilimi." Wathi, "Ngahlala lapho, futhi bahlala nami ngokwethembeka ngaze ngakhuluma ngezilimi." Futhi wathi, "Mfowethu Branham, ngisalokhu ngingenakho."

172 "Ngifuna ukukutshela okuthize," ngathi, "mfo, uyabo, ungitsheleni esikhashaneni esedlule na? Ukuthi wake waba ngusomabhizinisi omkhulu, utshele umkakho owehlela ebandleni lePentecostal futhi wasindiswa, wathi unoMoya phezu kwakhe, waphila impilo ehlukile, futhi wathi wenyukela eTennessee." WayengowaseMinneapolis. Wathi, wenyukela eTennessee, owesifazane wakwenza, emhlanganweni, emhlanganweni wokukhempa. Futhi wayekade ethengisa imoto, futhi uyabuya, wafaka isandla phansi ephaketheni lakhe ukuba athole izikhiye ukuba anikeze inenekazi, futhi wathola ithikithi elincane, lathi, "Uzolichithelaphi iPhakade na?"

173 Wathi, "Empeleni, sengidlule emashumini amane eminyaka ubudala, lokho kuzofanele kuxazululwe." Watshela umkakhe ukuthi akazange amkhathalele uNkulunkulu, wathi wayesebandleni kanye kuphela empilweni yakhe. Waliphosa emgqonyeni kadoti, akakwazanga ukusuka kukho, walicosha futhi, waliphosa futhi, wabuye walicosha futhi. Wathengisa izimoto zakhe futhi wakunika abashumayeli, ezama ukuthola umusa kuNkulunkulu.

Ngathi, "Mnumzane, ubungadingekile ukuthi uthengise izimoto zakho ukuba unike abefundisi, ubungadingekile ukuba wenze lokho," ngathi, "usuvele umemukele uKristu."

Wathi, "Mfowethu Branham, ngabe ngaMemukela ngenkathi ngikhuluma ngezilimi, noma ngenkathi ngimemeza, noma ngenkathi ngiphakamisa izandla zami na?"

174 Ngathi, "Akusikho nokukodwa, waMemukela ngenkathi Engqongqotha emnyango wakho. Yini ekushintshile na? Yini eyenza umehluko na? Wawuhamba wehla ngomgwaqo ngenye indlela, ungenandaba ngoNkulunkulu." Ngathi, "Ukumemeza kulungile, ukuphakamisa izandla zakho kulungile, ukukhuluma ngezilimi kulungile, konke ku, kulungile, kodwa akusilo lonke iqiniso, ukwemukela uKristu kungukwemukela uMuntu kaKristu, ukwemukela uKristu. Khona-ke ukumemeza nokukhuluma ngezilimi kuyenzeka, emva kwalokho."

175 Yemukelani uKristu. Ubungamemeza futhi ukhulume ngezilimi futhi ungabi naYe. Ngakho, uma ungenawo lowomuzwa okwenza umzwele umfowenu, lowo ongoweBandla likaNkulunkulu, futhi ungowe-Assembly of God, noma ngapha nangapha, noma kwi-Oneness, iTwoness, iThreeness, noma kungaba yini, kubo bonke abanye, uma i—uma imigoqo yamahlelo ingephulwanga enhliziyweni yakho, kukhona okungalungile. Uma ungeke umnikeze indawo umfowenu, mthande kungakhathaleki ukuthi wenze kanjani, noma ucabanga ukuthi uyini, uma umthanda, uzoya kuye ngonothando, umoya onomusa, umthande nje, noma kanjani, uhlale naye ngqo. Yiba nobusawoti ngempela, bese-ke omele ukufana nawe.

176 Yilokho engikhuluma ngakho, bandla lePentecostal, yilokho esikudingayo yingakho singenakuba nezinkonzo zokuphulukisa njengoba besifanele sibe nazo, sifanele sibe nesisekelo ukubeka lokhu phezu kwaso. UNkulunkulu angeke akwenze lize iBandla libuyele endaweni lapho elifanele libe khona, singeke sakwenza, mngane, sifanele sithole ukuPhila kusebenze futhi, uze uthole ukuPhila, ungeke wenza lutho.

177 Umkhandi wensimbi akakwazi ukushaya impahla yakhe kuze kuba iba bomvu ngempela ukushisa, bese-ke eyifaka ngaphansi kwesando sokucangcatha. Yilapho iBandla lidinga khona kulobubusuku, ngukubizelwa emuva kuNkulunkulu. Sihlela . . . Isoni singaqala ukuya e-altare, futhi kade ngikweminingi yemihlangano yethu yamaPentecostal, nabangcwele bazohlala futhi bambhekisise, bethi, "Awu, lokho kuhle kakhulu." Umusa, bakithi!

178 Ngani, ngiyakhumbula ebandleni elidala iKentucky Baptisti, umfana oyisoni omdala wayevela ngaphandle, noma ndawondawo, wayengakaze afinyelele e-altare, omama abayishumi nanhlanu noma abangamashumi amabili abadala babe kuye kanjalo: "O Nkulunkulu, sibonga kakhulu, kade sikhuleka iminyaka ngalomfana!" Impela, bamehlisela lapho e-altare, bamshaya emhlane waze wedlula. Kunjalo. Siyakudinga lokho futhi kulobubusuku. Yilokho esikudingayo kulobubusuku, intshisekelo.

179 Niyazi, uMoya oNgcwele waphawula kuphela labo ababebubula futhi bakhalela izinengiso ezenziwa emzini, yilokho iBhayibheli elakusho. Ukuba-ke Ufike eDallas, kulobubusuku na? Ungahamba ubeke isandla sakho kunoma yiliphi iPentecostal, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela elikhalayo, futhi likhuleke, futhi lizile ukudla, imini nobusuku ngenxa yezono esenziwa eDallas na? Cabanga engqondweni yakho manje, ngabe yindlu yakho leyo na? Noma yindlu kamakhelwane wakho na? Uphi lowomfo na? Kushiye nawe. Cabanga ngakho manje.

180 Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngiphe ukulambela imiphefumulo okunjalo ukuthi angikwazi ukuphumula, ngizofanele ngenze okuthile ngakho. Nkulunkulu, mangikomele Wena."

181 "Mhlawumbe udeveli ungilumile futhi wangifaka uphoyizeni, futhi angikwazi, kodwa umphefumulo wami awuqhathaniseki nalokho." UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise, lapha, nenekazi. Kunjalo. Phakamisani izandla zenu. Ungabi namahloni, impela qhabo. Uma unamahloni ngaYe . . . UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Uma unamahloni . . . UNkulunkulu akubusise laphaya, nenekazi. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. Lokho kuhle.

182 "Uma unamahloni ngaMi . . ." Ini? Ungubani Yena na? UMoya oNgcwele, uhamba khona lapha endlini, nguYe. Kulungile. Seniqedile na? Ngifuna ukukhuleka. UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Khuleka ukuthi uNkulunkulu uzobusisa umphefumulo wakho omncane, s'thandwa, enze umuntu omkhulu ngawe. UNkulunkulu akubusise laphaya, dadewethu othandekayo, nje esikhathini sokuguquka kwempilo, kwangathi uNkulunkulu angakusindisa.

183 Amakhanda enu ekhotheme ngifuna ukusho lokhu: Ngaba nenhlanhla yokungena eNdiya emibalwa, cishe eminyakeni emibili edlule, kwakukhona isiqephu ephepheni esasithi, "Ukuzamazama komhlaba kufanele ukuthi sekuphelile." INdiya ayinazo izintango, nezinto, njengoba ninazo lapha eTexas, nangakhona, izintango zabo zenziwe ngedwala, futhi usuku ngaphambi kokufika kokuzamazama komhlaba, zonke izinyoni ezincane ezazihlala kulezozintango, namadwala, futhi, zagijimela emahlathini, zandiza zaphuma, zonke izimvu nezinkomo ezazihlala ngasezindongeni emthunzini, zaphuma futhi zama elangeni. Kungani na? UNkulunkulu wayekhuluma kuzo, "Lezozindonga zizowa." Futhi zahlala phandle lapho kwaze kwaba wusuku lwesibili, zase-ke zingena zonke futhi, futhi bazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sokuthi ukuzamazama komhlaba kwase kuphelile.

184 Uma uNkulunkulu engakhuluma esilwaneni, enyonini encane ukuba indizele ekuphepheni, nasesilwaneni ukuba siphumele maphakathi nenkundla futhi sisuke ezindongeni, uMoya oNgcwele ungakhuluma kangakanani kuwe kulobubusuku, "Suka kuleliBabiloni lesimodeni, suka kukho konke lokhu ukudideka, na—nalokho *okubizwa* ngenkolo namhlanje, undize uphume ngqo ungene phakathi emseni kaNkulunkulu, undize uphume ngqo ungene esiphambanweni bese ubambelela kuso bese uthi, 'O Jesu ngisindise'"? UNkulunkulu angazixwayisa izilwane njengoba Enza ngezinsuku zikaNowa, futhi Usakwenza nanamhlanje, Impela Ubengaxwayisa abantu onoMoya oNgcwele.

185 Futhi ngazi ukuthi ihora elithile, kafushane, leMelika izofanele yemukele ukwahlulelwa. . . Uma uNkulunkulu engayehluleli iMelika, Uyobophezeleka ukuba avuse iSodoma neGomora futhi axolise ngokubashisa. IMelika iphansi mba nje njengoba iSodoma lalilokhu linjalo, noNkulunkulu olungileyo angeke akumela lokho. Lesi yisizwe sami, yebo, kodwa sibole kwaze kwayofika emnyombweni.

186 Akusibo ubuKhomanisi obusibhaxabulayo, qhabo, qhabo, kungukubola kwethu uqobo okuyikho. Akusiyo irobini ecofa i-apula elilimazayo, yisibungu emnyombweni, yebo, yesaba lokho.

187 Phakamisa isandla sakho manje, uthi, "Nkulunkulu yiba nomusa kimi, manje ngifuna ukuza." UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kanye futhi, siyazungeza ukusuka kwesokudla kuya kwesokunxele. Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, njengoba ukhuleka." UNkulunkulu akubusise, mfo omncane, lapha. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, wena, ya, kunedazini noma izandla ezimbili emuva. UNkulunkulu akubusise. Ngalapha ngakwesokunxele. Manje emuva le lapho. Ya, lapho, abafo abangamakhaladi lapho emuva ngemuva, ngemuva kwalapho, uNkulunkulu anibusise, le emuva lapho, uNkulunkulu abe nawe. Bangane bami baseMexico, uNkulunkulu anibusise.

Kulungile, asikhuleke.

188 Manje, ngeyokuzithoba nje, indlela emnandi, ngifuna nilokhu nje nikhotheme, futhi enhliziyweni yakho uthi, "Manje, Nkosi, ngilapha, ngilimele, futhi ngifanele ngize emanzini, ngifanele ngiKuthole, Nkosi, umphefumulo wami womile."

189 Nkosi, thatha i—imibuthano, bekucishe, mhlawumbe izandla eziyikhulu, noma mhlawumbe hhayi eziningi kangako, kodwa izandla ezimbalwa impela ziphakanyisiwe, ziyizimpawu ezincane zalomlayezo kulobubusuku. Futhi bafikile futhi baphakamisa izandla zabo, futhi ngiyakholwa ukuthi, ngobuqotho benhliziyo yabo, uyakwazi, Nkosi, ukuthi bayaKuthanda, futhi ba—banamahloni ngokuphila, nezinto abazishaye indiva, futhi bafuna ukuza kuWe. Nkulunkulu, makuthi uMoya oNgcwele wehlele ngqo emphefumulweni wabo njengamanje, ukhuluma kubo kamnandi nangokuthula, uthi, "Mntwana, noma izono zakho zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa; zibomvu njengokububende, zibe mhlophe njengoboya bezimvu." Siphe khona, Nkosi.

190 Manje, Ukushilo lokhu: "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle." Kanti futhi, kulotshiwe: "Akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi." Kusho ukuthini lokhu na? Ukuthi uNkulunkulu ulapha kulesisakhiwo, ekhuluma kubantu ngamunye, futhi baphakamisa izandla zabo ukwemukela uKristu. Manje, Nkulunkulu, Uzobapha uKristu, iNdodana

yaKho, futhi bayiziphiwo zothando. "Akukho-muntu ongabahlwitha esandleni." Siphe khona, Nkosi.

191 Uma ngingabaxhawuli neze kulelizwe, kwangathi ngingakwazi ukukwenza lapho sesiwela. Ngoluny'usuku lapho konke ukuphila sekuphelile, iSidlo sakusihlwa esikhulu soMshado siyafika, namatafula amakhulu asedekiwe, futhi sibuka ngapheshey a kwetafula, ngithemba ukuzwa omunye ethi, "Mfowethu Branham, ngangiseDallas ngalobobusuku."

192 Izinyembezi zehla ezihlathini zethu, iNkosi izophuma futhi yesule zonke izinyembezi emehlweni ethu, ithi, "Ningabe nisakhala, bantwana, konke sekuphelile manje. Ngena ezintokozweni zeNkosi." Nkulunkulu, silangazelela lolosuku. Bagcine, Nkosi, emseni waKho ophelele size sibabone. EGameni likaKristu, Amen.

193 Ngiyaxolisa kakhulu ukunihlalisa kuze kube leyithi, sekungeleshumi nqo, ngiyaxolisa ukuba leyithi kangaka. Bangaki abathanda iVangeli na? Ake sibone. . . Angilokothi ngizisho ukuthi ngingumshumayeli, ngiwuhlobo nje lwethayi eliyisipele, futhi ngi. . . usebenzisa ithayi eliyisipele lapho uneliphantshile. Kodwa asinalo eliphantshile, niyakubona lokho, kodwa, sinenqwaba yamathayi amahle, kodwa ngi—ngize nje ukuba ngikhulume, kungokokuqala ukuba ngibe nalolu hlobo lomhlangano isikhathi esithile.

194 Kodwa ngishaqekile namhlanje ngenkathi owami, omunye wabalingani bami, uMnu. Mercier, ubengitshela ukuthi abantu bebelele kulezizihlahla ngalapha, belindele inkonzo yomkhuleko. Ngabe yiqiniso lelo na? Bangaki abazele inkonzo yokuphulukisa na? Ake sibone izandla zenu. Woza, ubufuna ngikukhulekele, phakamisa isandla sakho.

195 Ngifuna ukunitshela okuthize, isizathu sokuba ngithathe lomhlangano, njengoba niwubonile ukhangisiwe, ngishumayela nje kuphela, ngisanda kuphuma emhlanganweni wezinsuku ezingamashumi amathathu, ngibuthakathaka kakhulu futhi ngikhathele, leyomibono icishe impela ingibulale.

196 Kukhona amadoda amakhulu khona kulomsamo kulobubusuku, ephukile. Bukani uTommy Hicks manje. Niyabo? Ukuphuka okukodwa emva kokunye. Bukani amadoda ephuma ensimini, futhi angazi noma yimuphi wawo ebona imibono, yilokho okukubulalayo. Yingalesosizathu ngikwenzile, ngakwenza kanjalo, mngani, leyo bekuyinhloso yami yemihlangano emithathu elandelayo, ukushumayela nje, yilokho engizela ukuzokwenza.

197 Kodwa ngenkathi ngizwa namhlanje. . . Bengingale e. . . Abangane bami abancane abangamaNdiya bahlala khona ngqo ehhotela labahamba ngezimoto ezansi lapha kanye nami, ngenkathi behlezi lapha begula, bengikwazi, angikwazanga ukubavumela babuyele emuva kanjalo. Bavela kude le

ezweni lapho, bezwe nje ukuthi bengizoba lapha, futhi bathi, "Besicabanga ukuthi ubuzokhulekela abagulayo." Imali eyanele nje yokuhlala ubusuku obubili. Bengingenakho okwanele ukubanika ngalesosikhathi. Ngiyindoda empofu, a—angi . . .

198 Uyazi wena uqobo, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, angikuhlosile. Umusa kaNkulunkulu. Niyabo? Abantu banginika into encane manje nangaleyonkathi, ku . . . angikaze . . . Angizeli lokho, UNkulunkulu uyazi ngicacile futhi ngihlanzekile kulokho. Kunjalo. Futhi mina, uma kukhona noma yini ebengiyishiyile, ngiyithumela ngqo nje ezimishini ngengingakwenza, uNkulunkulu uyalazi iqiniso. Niyabo? Anginayo imali eningi.

199 Kodwa ngenkathi uMnu. Mercier engitshela, wathi, "Kunabantu okhona lapha kulokhu . . . belele kulezizihlahla lapha ngesikhathi sasebusuku ezimotweni, Mfowethu Branham, bafuna wena ubakhulekele." Bengingakwazi lokho. Uma lokho kunjalo, futhi nifisa ukuba ngikwenze, sizoqala kusasa ebusuku ezinkonzweni zokuphulukisa, sizoqala ukuba nezinkonzo zokuphulukisa. Ngingajabula ukukwenza, kulunge ngokuphelele nje. Ngiyavuma ukukhonzisa, ngenze noma yini engingayenza ukwenza impilo ijabulise ngokwedlulele, ibe ngcono kini. Niyabo?

200 Futhi ngiyabathokozela bonke abazalwane bami abakhonzisayo, kanjalonjalo, lapha, sizosiza. Futhi uma iNkosi ithanda, kusasa ebusuku, bangaki abangathanda ukuba nenkonzo yokuphulukisa njengezinkonzo zokuphulukisa eziyifeshini endala esasivame ukuba nazo na? Phakamisani izandla zenu nje. Angikhathali ukuthi ungubani, nje . . . Kulungile. Lokho kunikeza ubufakazi kimi enhliziyweni yami ukuthi uNkulunkulu ufuna ngikwenze khona-ke. Kulungile.

201 Futhi kusasa ntambama ngizothumela uBilly ngapha, akhiphe amakhadi omkhuleko, futhi kusasa ebusuku emva kokuba uMlayezo usuphelile, sizokhulekela abagulayo. Futhi uma ngikhathala futhi ngiwe, nginokuningi kokusekela lapha okuzongisiza.

202 NiyaMthanda na? UNkulunkulu anibusise. Manje, lokhu kudinga okwangoqobo, kimi uqobo . . . Imibono . . . Bangaki abake baba komunye wemihlangano yami na? Ake sibone izandla zenu. Bangaki ongakaze abe kowodwa na? Ake sibone izandla zenu. Okuphindwe kabili ongakaze abe khona. Kulungile. Kwangathi iNkosi ingasipha khona.

203 Manje kusasa, ngiyanitshela ukuthi nenzeni: Ngena efonini, hamba ulethe abagulayo bakho nabahluphekile, uzobona iNkazimulo kaNkulunkulu. Bonani ukuthi Akasuye yini uMphulukisi kakhulu njengoba EnguMsindisi; nibone ukuthi Unamandla yini nje empini njengoba Enjalo lapho Ephumile empini. UyiNkosi uNkulunkulu ofanayo. NiyaMthanda na?

Thanini, Amen. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho, ngiyathanda ukukuzwa usho lokho. Manje, uNkulunkulu akubusise.

204 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngizobuza: Bangaki ofuna ukukhunjulwa emkhulekweni ngezinye izinto ze, mhlawumbe ukuhamba ngokusondele, nanoma yini okunye. Phakamisani izandla zenu, nizokwenza na?

205 Zingasikhathi sini izinkonzo zenu zantambama kusasa na? [Umfowethu uthi, "Ligamenxe elokuqala."—Umhl.] Ligamenxe elokuqala. Awu, ngizobona ukuthi uBilly unawo yini amakhadi. Uma bengenawo, sizothola athile, noma sininike *enye into ethize*. O, senivele ninawo, awu, lokho kuhle. Kulungile. Ukuze nje sikwazi ukugcina abantu belayinile.

206 Wonke onesidingo sikaNkulunkulu manje, noma ngayiphi indlela nhlobo, phakamisani izandla zenu kuYe futhi nithi, "Nkulunkulu, ngiyaKuthanda," njengoba wenza. "Nkulunkulu ngiyaKuthanda." Namakhanda ethu . . . Mfowethu Vinyard. Ngicela uMfowethu Vinyard, lapha manje uma ezo . . .

